- Namathisela iphosta ethi, *Uhambo Ngebhasi* phezulu lapho bonke abafundi bezoyibona khona.
- Chazela abafundi: **Sizocinga okufanayo nokungafani kwiphosta. Ukufana kusho izinto ezakheke ngendlela efanayo noma ezicishe zakhekhe ngendlela efanayo, isibonelo: amakewu ayefana ngoba amhlophe** (khomba amakewu). **Izikhukhukazi ziyefana ngoba zinsundu** (khomba izikhukhukazi).
- Cela abafundi bakutshela ukuthi yini abayibonayo efanayo noma ecishe ifane. Isibonelo: amabhungezi ayafana ngoba anombala ofanayo; iziqu zezimbali ziyefana ngoba zinombala obomvu. Kukhona amahalavu anombala ofanayo, oluhlaza.
- Khomba lokho umfundi akhuluma ngakho kwiphosta ukuze abanye abafundi babone izinto ezifanayo.
- Chazela abafundi: **okwehlukile indlela engafani izinto ezakheke ngayo. Amakewu ehluke ezikhukhukazini ngoba amhlophe, kanti izikhukhukazi zinsundu.**
- Cela abafundi bakutshela lokho abakubonayo okwehlukile. Isibonelo: amantombazane anobude obehluke, anezingubo ezahluke, agqoke izimpahla zokubhukuda ezahluke, ezibomvu, eziluhlaza nezipinki; abafana benza izinto ezahluke, oyedwa uyagijima, oyedwa uyagxuma, oyedwa uyagubha; izikhwama azilingani ngobukhulu nangombala; ibhungezi elilodwa likhulu kunamanye. Khuthaza abafundi ukuba basebenzise imisho egcwele lapho bephendula, isib. amantombazane amabili awafani ngoba anobude obungafani; abafana benza izinto ezahluke – omunye uyagijima; umfana wesibili uyagquma kanti umfana wesithathu uyagubha.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Zimbandakanye engxoxweni lapho kukhethwa khona isihloko okuzobhalwa ngaso - Bhala indaba eveza imizwa yakho njengekhadi lokubonga noma incwadi ebhalwe ngohlaka olunikeziwe - Sebenzisa osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho emagameni, abantu/izibongo/amadolobha) - Pela amagama ajwayelekile ngokufanele - Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Isibonelo sekhadi lokubonga - Amakhrayoni, amapensela nephepha eliyi-A4

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubhala ikhadi lokubonga

- Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bakubone bonke. Kufanele babe nephepha eliyi-A4, amakhrayoni namapensela emadeskini abo.
- Cela abafundi bakuxoxele ngokuthile abakuphiwa othile okwenza bajabula ngempela; vumela abambalwa ukuba bakuxoxele.
- Babuze indlela abambonga ngayo lowo muntu: Cela abafundi abambalwa ukuba baxoxele ikhadi.
- Batshela ukuthi enye indlela yokuthi ngiyabonga ukuba ubhale ikhadi lokubonga. Batshela ukuthi kulesi sifundo bazofunda indlela yokwenza kanye nokubhala ikhadi elifana naleli. Bazoqala leli khadi kulesi sifundo bese beliqedela kwesilandelayo.
- Khombisa abafundi **iKhadi lakho lokubonga**. Kufanele libe:
 - nesithombe oqwembeni olungaphambili namagama athi: **Ngiyabonga**
 - nomyalezo onemininingwane ekhasini elingaphakathi kwesokudla. Isibonelo, Ngiyabonga ngencwadi enhle. Indaba ingithokozisile. Ngikuthokozele ukuyifunda.
 - ikhasi elingabhalwe lutho ngaphakathi kwesokunxele.

- Khombisa abafundi ukuthi balibambe kanjani iphepha eliyi-A4 ngobude balo. Yenza isiqiniseko ukuthi bonke benza into efanele.
- Khombisa abafundi ukuthi iphepha ligoqwa kanjani libe uhhafu kusuka kwesokunxele kuya kwesokudla. Yenza isiqiniseko ukuthi bonke benza into efanele.
- Tshela abafundi ukuthi badwebe isithombe ngaphambili ekhadini (bakhombise ingaphambili lekhadi), bese bebhala amagama athi: NGIYABONGA ngaphambili. Amagama kufanele abhalwe abe ngawosonhlamvukazi futhi abe makhulu. Bhala amagama athi: NGIYABONGA ebhodini.
- Ngaphambi kokuthi abafundi baqale, bakhombise ikhadi futhi, bese ulinamathisela ebhodini ukuze balibone.
- Ngesikhathi abafundi besebenza, hamba phakathi kwabafundi welekelele lapho kudingeka khona.
- Qoqa amakhadi ekupheleni kwesifundo ukuze bawaqedele esifundweni esilandelayo.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA										
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30										
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njal - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda										
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 2, 3, 4 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika										
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI											
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.											
<table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>						Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5						
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Abafundi bazofunda amagama afundwayo esivivinyo sesibizelo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.										

DAY / USUKU 5

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lomsindo
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe. • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isib. Umunwe. • Ukwazi ukupelela amagama ayishumi ngesonto afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Izincwadi zokuhlola

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukuhlola okungahleliwe kwamagama afundwayo eThemu 1 no-nw

- Cella abafundi ukuba:
 - babhale isihloko esithi **"Isivivinyo sesibizelo"** encwadini yemisindo neyokubhala ngesandla.
 - bagoqe iphepha phakathi nendawo ngobude, bese bebhala izinombolo kusuka ku 1-5 eduze komugqa obomvu, bese bebhala izinombolo kusuka koku-6-10 phakathi nendawo nekhasi.
- Biza inombolo 1, bese ubiza negama lesibizelo.
- Abafundi mababhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1.
- Uma bengakwazi ukubhala lelo gama, mabadwebe umgqana omfishane eduze kwenombolo.
- Uma sebeqedile ukubhala batshela ukuthi umfundi ngamunye uzipha amaphuzu encwadini yakhe.
- Bhala igama lokuqala ebhodini.
- Tshela abafundi babeke u - ✓ eduze kwegama uma belibhale kahle. Uma bengalibhalanga kahle, mababhale elinye kahle eduze kwalo.
- Qhubeka ngendlela efanayo uze uqede wonke amagama.
- Uma abafundi sebeqedile ukumaka, qoqa zonke izincwadi zabo zokubhala, bese uqaphela labo bafundi ababhale kabi amagama angaphezulu kwanguhahafu ukuze ubelekelele.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Isivivinyo sesibizelo	Usuku
1. nwebeka	6. inzondo
2. emifinweni	7. esonweni
3. ingubo	8. entabeni
4. indoda	9. inyongo
5. insipho	10. umunwe

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo • Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa • Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde • Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu • Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo • Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 2, 3, 4 • Incwadi ye-DBE amakhasi 68, 69

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke babhala osonhlamvukazi bamagama kanye nemisho Abafundi bonke - Cela abafundi bavule ekhasini lama-68 encwadini ye-DBE. Kufanele baqedele imisebenzi emibili engasekupheleni kwekhasi lama-68 (ukufaka osonhlamvukazi emagameni) nophezulu ekhasini lama-69 (bhala imisho emihlanu) Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 3 no-4 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala indaba eveza imizwa yakho njengekhadi lokubonga noma incwadi ebhalwe ngohlaka olunikeziwe - Sebenzisa osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho emagameni, abantu/izibongo/ amadolobha) - Pela amagama ajwayelekile ngokufanele - Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Isibonelo sekhadi lokubonga - Amakhrayoni, amapensela, ikhadi lokubonga elenziwe esifundweni esedlule

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI
Injongo yesifundo: Ukubhala ikhadi lokubonga - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe namapensela, amakhrayoni namakhadi okubonga emadeskini abo. - Khombisa abafundi ikhasi elingasesikudleni. Bakhombise lokhu: - Ukuthi umuntu obongwayo ubingelelwa kanjani nokuthi isibingelelo sibhalwa kuphi, okuwukuthi: Mpho othandekayo. - Umyalezo osemqoka, isibonelo: Ngiyabonga ngencwadi enhle. Indaba ingithokozisile. Ngikuthokozele ukuyifunda, nalapho kubhalwa khona, okuwukuthi ekhasini elingakwesokunxele. - Igama lomuntu othumela ikhadi nalapho libhalwa khona, okuwukuthi ngezansi ekhasini. - Bhala lokhu okulandelayo ebhodini: Mpho othandekayo Ngiyabonga ngencwadi enhle. Indaba ingithokozisile. Ngikuthokozele ukuyifunda. Ivela kumuntu okuthandayo Thandi - Namathisela ikhadi lakho ebhodini lapho abafundi bezolibona khona. - Cela abafundi abambalwa ukuba batshale ikhasi ukuthi ubani abafunda ukumbonga, yini eyenza bafune ukumbonga lo muntu nokuthi kungani basithanda isipho. Bhala ebhodini noma yimaphi amagama ashiwo abafundi okungenzeka ukuthi bangakwazi ukuwapela kahle. - Tshela abafundi baqedele amakhadi abo. Kufanele babhale umusho owodwa wokubonga isipho, nemisho emibili ngokuthi yini abayithandile ngesipho. - Uma kukhona abafundi abaqeda abanye bengakaqedi, bangadweba unqenqema oqwembeni olungaphambili lwekhadi. - Uma abafundi besematasatasa bebhala, hamba phakathi kwabo ulekelele lapho kudingeka khona. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

WEEK / ISONTO 2

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / Amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO	
FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	Awekho amagama amasha
BOOK / INCWADI	<i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8
GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO	
- Kungani uNkosazana Nkawu ethatha isikhathi eside kangaka ukulunga? (uyazilungisa) - Wadlani uMnu Nkawu? (ufulawa, isinkwa, ushizi) - Yini angeke aphinde ayenze uNkosazana Nkawu? (ukumema uMnu Nkawu) - Kungani/kungani kungenjalo?	

DAY / USUKU 1	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu engama-30: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; engama-25: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, babonise futhi baxoxe, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazoxoxela ikhaya.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Lalela izindaba ngokuzijabulela, isikhathi esijana - Veza ukuthi uzizwa kanjani ngendaba ebixoxwa noma inkondlo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE amakhasi 86, 87
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukulalela indaba kanye nokuveza ukuthi uzizwa kanjani ngendaba - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bavule izincwadi zabo ze-DBE ekhasini lama-86/87. - Tshela abafundi balalelisise lapho ubafundela indaba. Bangalandela ngamehlo ezincwadini zabo ze-DBE lapho ufunda. Batshele ukuba balalele indlela ofunda ngayo. - Funda amakhasi 86, 87 ngezwi elizwakalayo nelicacile. - Buza abafundi le mibuzo elandelayo: - Kungani kungafanele ukuthi siphuze amanzi olwandle? (Anosawoti) - Yiziphi izilwane ezahlukeni ezitholakala olwandle? (ushaka, umkhoma, usadini, ihlengethwa) - Khuthaza abafundi abehlukene ukuba bakunike amagama ezilwane zasolwandle. - Kungani izingane zabe zidumele lapho kuthiwa sekuyisikhathi sokubuyela ekhaya? - Cela abafundi abaningi ukuba bakunikeze izimpendulo zale mibuzo elandelayo: - Wazizwa kanjani emva kohambo noma iholide? - Uyithandile yini noma awuyithandanga le ndaba? Kungani? - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introducing the sound: <i>mb</i> IMISINDO: Ukwethula umsindo: <i>mb</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe • Wakha imisho okungenani eyishumi ngesonto esebenzisa imisindo efundiwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi: <i>mb</i> • Amagama afundwayo – imbongolo; imbazo; imbila; izimbambo; imbokodo; imbuzi; imbobo; ukumba; ubumba; isimbo • Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla • Izincwadi zomsebenzi wasekhaya
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo <i>mb</i>, ukubhala amagama nemisho enomsindo <i>mb</i> • Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo uzowanika umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama afundwayo anomsindo: <i>mb</i>. • Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. • Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho. • Khombisa abafundi ifleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa. • Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo. • Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto. • Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo. • Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma. • Cela abafundi abambalwa bakhethe igama elilodwa futhi batshela ikhosi umusho onaleli gama. • Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo. • Cela abafundi bakhethe amagama amane bese bebhala umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi imisho emi-4 isiyonke. • Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala ngokwehlukanisa osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba - Sebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwezinhlamvu namagama
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi kanye nokushiya izikhala ezifanele emagameni asemishweni	
- Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuthi baqaphele lapho ubhala izinhlamvu ebhodini. - Khumbuza abafundi ukuthi lubunjwa kanjani uhlamvu ngalunye olwakha umsindo. - Bhala imisho ngokuqaphela kanye nobunono. - Khumbuza abafundi lapho kuqala khona uhlamvu ngalunye nendlela oqhubeka ngayo ukulubhala, ukushiya izikhala phakathi kwamagama nokusebenzisa izimpawu zokubhala. Bakhumbuze futhi ukuthi bakhiwa kanjani osonhlamvukazi. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa: Isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu, ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, kanye nokungabali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha ubazisa nangenqubekela phambili yabo. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabukela ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, emadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umsindo	mb mb mb mb mb
Umusho	Izimbambo zenkomo zidliwa abantu besifazane abadala.
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda amagama afundwayo.

DAY / USUKU 2	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Ukulalela indaba ukufunda amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho, umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela					
Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Hlela abafundi ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela: - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela.					
Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 5 nelinye iqembu elidinga ukusekelwa - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili. - Buza abafundi imibuzo yokupondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzela ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Phinda le nqubo nakwelinye iqembu eliding ukusekelwa. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Incwadi ye-DBE amakhasi 86, 87, 89

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda indaba, babhale izimpendulo zemibuzo bese beqedela isivivinyo esimayelana nezinsuku zesonto					
Abafundi bonke - Cela abafundi bavule ekhasini lama-86, 87 encwadini ye-DBE. - Kufanele bafunde indaba, bese beqedela imibuzo esekhasini lama-87. - Bese bevula ekhasini lama-89 baqedele umsebenzi wesivivinyo esingenhla kuleli khasi (izinsuku zesonto).					
Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokupondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzela ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Funda izincwadi neklasi lonke kanye nothisha (esifundweni sokufunda ngokuhlanganyela), bese ubonisana nabafundi ngembangela yezehlakalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 98
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda indaba kanye nokuxoxa ngembangela nemiphumela - Cela abafundi bavule ikhasi lama-98 encwadini ye-DBE. - Shintsha izwi lakho ukuze lifanelane nendaba, bese ufunda izingxenye ezikhulunywayo ngamazwi nangomuzwa owehlukile. Abafundi bangafunda kanye nawe. Chazela abafundi ukuthi kuvame ukuthi kube nemiphumela uma senza okuthile noma singakwenzi. Into ethile yenza kwenzeke into ethile. Imbangela iba nomphumela. Endabeni, kuba nezibonelo ezimbalwa zembangela kanye nemiphumela. - Ngokwesibonelo, lase liqale ukuna ngesikhathi intombazane iye ekhaya; lokhu kwenza ukuthi ibe manzi. Noma singathi, intombazane yaba manzi ngobe lase liqale ukuna ngesikhathi iya ekhaya. Igama elithi ngoba/kungenxa lisitshela ukuthi kunembangela kanye nomphumela. - Buza abafundi: Yini eyabangela intombazane ukuba ingaboni. (imbangela: amaconsi amakhulu ayeyishaya ebusweni). - Buza abafundi: Waba yini umphumela wokuthi intombazane ishaywe amaconsi amakhulu ebusweni? (ayikwazanga ukubona) Singathi: Intombazane ayikwazanga ukubona ngoba amaconsi amakhulu ayeyishaya ebusweni. - Buza abafundi: Yini eyenza ukuba intombazane ikhale? (yayingazi ukuthi kufanele yenzeni) - Buza abafundi: Waba yini umphumela wokuthi intombazane ingazi manje ukuthi kufanele yenzeni? (yakhala) Singathi: Intombazane yakhala ngoba yayingazi ukuthi kufanele yenzeni. - Buza abafundi abehlukile imibuzo. - Cela abafundi ukuba banikeze isibonelo sokuthi okuyimbangela yokwenzeka kokuthile. Akube nabambalwa abanikeza izimpendulo zabo, bese uhlola ukuthi bayibona kahle yini imbangela. - Khumbuzisa abafundi ukuthi ngokuvamile into ethile ibangelwa yinto ethile – imbangela iba nomphumela. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Abafundi bazofunda amagama anomisindo ofundiwe emagameni afundwayo. - Abafundi bazofundela abanye amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 3	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Introducing the sound: <i>mf</i> IMISINDO: Ukwethula umsindo: <i>mf</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni. - Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe. - Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe. - Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo.
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ifleshi-khadi: mf - Amagama anomisindo – izimfanelo; imfe; imfezi; imfiliji; imfologo; imfakabili; imfundo; imfene; imfe; imfeketho - Izincwadi zomsebenzi wasekhaya - Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo mf, ukubhala amagama nemisho enomsindo mf - Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo uzolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama afundwayo anomsindo: mf. - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho. - Khombisa abafundi ifleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa. - Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo. - Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto. - Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo. - Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma. - Cela abafundi abambalwa ukuba bakhethe igama bese betshela ikhosi umusho onalelo gama. - Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo. - Cela abafundi ukuba bakhethe amagama ama-4 bese bebhala imisho ngegama ngalinye, okuwukuthi isiyonke imisho emi-4. - Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Bhala ngokwehlukana osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi kanye nokushiya isikhala esifanele emagameni asemishweni - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuthi baqaphele lapho ubhala izinhlamvu ebhodini. - Khumbuza abafundi ukuthi zibunjwa kanjani izinhlamvu ezincane ngalinye kanye nosonhlamvukazi ngamunye. - Bhala umusho ngokucophelela nangobunono. - Khumbuza abafundi lapho kuqala khona uhlamvu ngalinye nendlela oqhubeka ngayo ukulubhala. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa: Isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu, ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu kanye nokungabali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha ubazisa nangenqubekela phambili yabo. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabukela ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, emadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umsindo	mf mf mf mf mf
Umusho	Umfundisi uDlamini wakufundela kuphi ukuba umfundisi?

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 3 no-4 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA				
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Funda izincwadi neklasi lonke kanye nothisha (esifundweni sokufunda ngokuhlalanyela), bese ubonisana nabafundi ngembangela nomphumela				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 106				

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuxoxa indaba usebenzisa isithombe - Cela abafundi bavule ikhasi le-106 Encwadini ye-DBE. - Fundela abafundi indaba ngezwi elicacile, nelizwakala kahle. - Shintsha ijubane lezwi lakho ukuze lifanelane nendaba, futhi ufunde izingxenye ezikhulunywayo ngezwi nangomuzwa owehlukile. Abafundi bangafunda kanye nawe. - Khumbuzwa abafundi ukuthi ezinye izinto zingabangelwa ukuthi kwenzeka ezinye izinto. Igama elithi 'ngoba' livame ukusitshela ukuthi kunembangela kanye nomphumela endabeni. Imbangela iba nomphumela. - Buza imibuzo ngembangela kanye nomphumela okhona endabeni. Ngokwesibonelo: - Yithi kubafundi: ULindi ubembethe izingubo eziningi. Kungani kade embethe izingubo eziningi? (Kungenxa yokuthi bekumakhaza kakhulu). Buza: Kade iyini imbangela lapha? (yisimo sezulu esibandayo) Kade eneminye ebuhlungu. Kungani kade eneminye ebuhlungu? (kungenxa yokuthi iqhwa belibanda kakhulu) Buza: Yini ebikade yenza iminye kaLindi ibe buhlungu? (yisimo sezulu esibandayo); Ube yini umphumela wesimo sezulu esibandayo kuLindi? (iminye yakhe yabanjwa amakhaza) ULindi wafaka izandla zakhe emasokisini. Kungani afaka izandla zakhe emasokisini? Kungenxa yokuthi ubekade engenawo amaglavu. Buza: Waba yini umphumela wokungabi namaglavu kukaLindi? (wafaka izandla zakhe emasokisini) - Buza abafundi abehlukile imibuzo. - Uma kusekhona isikhathi, cela abafundi abambalwa ukuba bakunike ezinye izibonelo zezinto ezinokuxhumana phakathi kwembangela kanye nomphumela. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Abafundi bazofunda amagama anomsindo ofundiwe emagameni afundwayo. - Abafundi bazofundela abanye amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 4	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu eyi-15: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; eyi-10: umsebenzi
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Qhathanisa uhlele izinto futhi uchaze ukuthi uzihlele kanjani, isib. Zonke izilwane ezinezinyawo ezi-4 nezinyawo ezi-2
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Iphosta: <i>Uhambo Ngebhasi</i>
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuhlela izinto ngokwalokho ezifana ngakho - Namathisela phezulu iphosta ethi, <i>Uhambo Ngebhasi</i> lapho bonke abafundi bezoyibona khona. - Yisho lokhu: Sizofaka izinto ezikwiphosta emaqenjini ahlukene, kuye ngokuthi yini ezinayo efanayo. Isibonelo, singathi abafana namantombazane banemilenze emibili nezingalo ezimbili. - Yisho lokhu: Izilwane ezithile zingafakwa eqenjini elilodwa ngoba zinemilenze emine. Yiziphi izilwane ezikwiphosta ezingafakwa kuleli qembu? (izinkomo, onogwaja kanye nezimbongolo zonke ezinemilenze emine) Khomba izinkomo, onogwaja kanye nezimbongolo kwiphosta. Yiziphi ezinye izilwane ongazicabanga ezingangena kuleli qembu okusho ukuthi ezinemilenze emine (izinja, amakati, amabhushi nezinye). - Yisho lokhu: Izikhukhukazi namakewu zingena eqenjini elilodwa elibizwa ngokuthi elezinyoni. Zinani izinyoni efanayo? (izimpiko; imilenze emibili) Ungazisho yini ezinye izinyoni? - Yisho lokhu: Ungasebenzisa izingubo zezingane ukuzifaka emaqenjini ahlukene. Yiziphi izingane ongazifaka eqenjini elilodwa ngoba zigqoke izinto ezicishe zifane? Yini efanayo egqokwe yizingane zonke ozifake eqenjini elilodwa? - Cela abafundi beze bazokukhombisa izingane abazifaka eqenjini elilodwa, bakutshela nokuthi kungani bezifaka eqenjini elilodwa (isibonelo: lezo ezigqoke izingubo ezibomvu/eziluhlaza nokunye; lezo ezigqoke izingubo; lezo ezigqoke izikhindi; nalezo ezigqoke izimpahla zokubhukuda.) - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Zimbandakanye engxoxweni lapho kukhethwa khona isihloko okuzobhalwa ngaso. • Bhala indaba yakho okungenani enesigatshana esisodwa (okungenani esinemisho emihlanu) usebenzisa uhlaka lokubhala. • Sebenzisa osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho emagameni: abantu/izibongo/ amadolobha). • Pela amagama ajwayelekile ngokufanele. • Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugo indlu.
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Iphosta: <i>Uhambo Ngebhasi</i> • Izincwadi zokubhala
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala isigaba usebenzisa uhlaka lokubhala • Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zokubhala ngesandla nezincwadi zokubhala nokuqondisa namapensela emadeskini abo. Bonke kufanele bayibone iphosta. • Tshela abafundi ukuthi namuhla bazobhala indaba yohambo ngebhasi, ngemoto, ngesitimela noma ngetekisi. Bangabheka iphosta ukuze ibalekelele ngemibono noma bangasebenzisa eyabo imibono. • Cela abafundi abambalwa ukuthi baxoxele bonke abafundi ngohambo ngebhasi, ngemoto, ngesitimela noma ngetekisi abake baba nalo. Bangasebenzisa amehlo engqondo ukuthi kambe kungaba njani. Le ndaba akuphoqelekele ukuthi kube yindaba eyenzeka ngempela. Ingaba indaba eqanjiwe. • Ngenkathi abafundi sebekhulumile bakhumbuze ukuthi indaba iba nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho. Zama ukusebenzisa izindaba zabafundi ukukhombisa lokhu noma usebenzise eyakho indaba enesingeniso umzimba kanye nesiphetho. Khombisa abafundi isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. • Yisho lokhu: Ngizobhala imisho embalwa ebhodini ukunelekelela ukuhlala indaba yenu. • Yisho lokhu: Lo musho uyisihloko sendaba. Khomba lokhu: Uhambo lwami-----. Kufanele ufake igama elichaza uhambo lwakho. Isibonelo, ungabhala ukuthi uhambo lwami ngebhasi noma uhambo lwami oluthokozisayo. • Yisho lokhu: Bese sibhala isingeniso sendaba yethu. Khomba lokhu: Ngelinye ilanga nga- ----- Lapha kufanele usixoxele ukuthi wawuyaphi; wawunobani; wawuphetheni. Isibonelo, isidlo sasemini esipakishiwe, isiphuzo esibandayo, itiye; wawuhamba ngani; chaza isithuthi. Kufanele ubhale imisho emibili yesiqalo sendaba yakho. • Yisho lokhu: Manje bhala umzimba wendaba. Nawo kufanele ube yimisho emibili. Khomba lokhu: Masinyane ngezwa/ngabona-----. Kufanele usixoxele ukuthi kwenzekani. Mhlawumbe wabona isilwane noma ulwandle, noma wezwa umsindo wenhlaba-mkhosi. Ungasixoxela ukuthi wazizwa kanjani ngalokho owakubona noma owakuzwa. • Yisho lokhu: Ekugcineni sesibhala isiphetho sendaba. Naso futhi kufanele sibe yimisho emibili. Khomba lokhu: Sathanda/ngathanda----- noma ekugcineni sa/nga ----- . Kulapha uphetha khona indaba yakho. Ungasixoxela ukuthi walujabulela uhambo lwakho nokuthi ulangazelela olunye uhambo olulandelayo noma ukhetha ukuhlala ekhaya, usho nokuthi usho ngani. • Tshela abafundi baqale ukubhala izindaba zabo. Kufanele besebenzise amagama asebhodini ukuqala eminye yemisho. • Hamba phakathi kwabafundi welekelele lapho kudingeke khona. Chazela umfundi futhi ongazange aqonde. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA											
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30											
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda											
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika											
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI												
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 5 no-1 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani. <table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>							Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5							
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Abafundi bazofunda amagama anomsindo ofundiwe emagameni afundwayo. - Abafundi bazofundela abanye amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.											

DAY / USUKU 5

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lwemisindo
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Izincwadi zemisindo kanye nokubhala ngesandla; Izincwadi zokuhlola

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubuyekeza imisindo yamagama eBanga loku-1

- Cela abafundi ukuba:
 - babhale isihloko esithi **"Isivivinyo sesibizelo"** nosuku emgqeni owodwa encwadini yabo yemisindo kanye nokubhala ngesandla
 - bagoqe ikhasi libe uhhafu, bese ubhala izinombolo 1-5 eduze komugqa obomvu, no-6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi.
- Biza inombolo u – 1, bese ubiza igama lokuqala lesibizelo.
- Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo – 1.
- Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale umugqa eduze kwenombolo.
- Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozinikeza bona amaphuzu ezincwadini zabo.
- Bhala igama lokuqala ebhodini.
- Tshela abafundi bathikhe igama abalibhale kahle, badwebe umugqa phezu kwalelo abangalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle.
- Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama.
- Uma abafundi sebeqedile ukuzipha amaphuzu, qoqa izincwadi zabafundi zokubhala, bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubalekelele.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Isivivinyo sesibizelo		Usuku
1. imbewu	6. imfiliji	
2. imbongolo	7. imbazo	
3. imfakude	8. imfe	
4. imfologo	9. izimfanelo	
5. imfezi	10. izimbali	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo • Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa • Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde • Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu • Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo • Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 • Incwadi ye-DBE amakhasi 76, 77

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bakokelezela amagama akahle, bakhethe igama elikahle bese bebhala ngaphezulu kwendlela eya ekhaya Abafundi bonke - Cela abafundi bavule ekhasini lama-76 no-77 encwadini ye-DBE. Kufanele baqedele umsebenzi engasekupheleni kwekhasi lama-76 (kokelezela igama elikahle) nemisebenzi emibili ephezulu ekhasini lama-77. (khetha igama elikahle bese ubhala ngaphezulu kwendlela eya ekhaya). Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 2 no-3 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala indaba yakho okungenani enesigatshana esisodwa (okungenani esinemisho emihlanu) usebenzisa uhlaka lokubhala. - Sebenzisa osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho emagameni: abantu/izibongo/ amadolobha). - Sebenzisa indlela yombhalo: umbhalo wokuqala, umbhalo ophelele, ukubhekisa ukulungisa ukubhala ngesandla nezimpawu zenkulumo (hlela), ushicilele umbhalo wakho. - Pela amagama ajwayelekile ngokufanele. - Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu.
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala nokuqondisa

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI
Injongo yesifundo: Ukuhlela indaba ebhaliwe usebenzisa uhlaka - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zokubhala ngesandla nezincwadi zokubhala nokuqondisa bavule lapho kubhalwe khona ukuthi indaba yohambo lwami..... - Tshela abafundi ukuthi banemizuzu eli-10 ukuqedela izindaba zabo. - Emva kwemizuzu eli-10, Yisho lokhu: Manje sewuzohlola ulungise indaba yakho. Lokho kusho ukuthi uzofunda indaba yakho ubheke amaphutha, bese uwalungisa. Bhala igama elilungile ngaphezu kwalelo elingalungile noma ufake izimpawu zokubhala. Kufanele ubheke lokhu okulandelayo: - yonke imisho kufanele yenze umqondo; omunye umuntu kufanele akuqonde ukuthi ubhaleni - umusho ngamunye kufanele uqale ngosonhlamvukazi, bese ugcina ngongqi noma umbuzi noma umbabazi. - igama lomuntu, idolobha noma izwe kufanele liqale ngosonhlamvukazi - indaba kufanele ibhalwe ngenkathi eyedlule. - isipelingi - Nikeza abafundi imizuzu eyi-10 ukwenza lokhu. Hamba phakathi kwabo ulekelele lapho kudingeka khona. - Emva kwemizuzu eyi-10, yisho lokhu: Bhala indaba yakho elungisiwe ngezansi kwendaba oyibhale okokuqala. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

WEEK / ISONTO 3

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / Amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

DAY / USUKU 1	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 1 This assessment activity can be found in the planner and tracker UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 1 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu engama-30: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; engama-25: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introducing the sound: mp IMISINDO: Ukwethula umsindo: mp
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Iffleshi-khadi: mp • Amagama afundwayo – impela; umpompi; impempe; impelesi; izimpiko; impilo; impongo; impophoma; izimpethu; izimpimpi • Izincwadi zomsebenzi wasekhaya • Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo mp, ukubhala amagama nemisho enomsindo mp • Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo uzolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama afundwayo anomsindo: mp. • Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. • Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho. • Khombisa abafundi iffleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa. • Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo. • Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto. • Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugqizelele umsindo. • Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma. • Cela abafundi ukuba bakhethe amagama amahlanu bese bebhala umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi isiyonke imisho emi-5. • Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala ngokwehlukanisa osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba - Sebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwezinhlamvu namagama - Kopisha futhi ubhale izinhlobo ezehlukene zemibhalo (isimemo esifushane esifana nesosuku lokuzalwa, imiyalezo, uhla, njll)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi, nokushiya kahle izikhala phakathi kwamagama asemishweni kanye nokukopisha uhla - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuthi baqaphele lapho ubhala izinhlamvu ebhodini. - Khumbuza abafundi ukuthi lubunjwa kanjani uhlamvu ngalunye olwakha umsindo. - Bhala uhlu ngokucophelela nangobunono. - Khumbuza abafundi lapho kuqala khona uhlamvu ngalunye nendlela oqhubeka ngayo ukulubhala, ukushiya izikhala phakathi kwamagama nokusebenzisa izimpawu zokubhala. Bakhumbuze futhi ukuthi bakhiwa kanjani osonhlamvukazi. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa: Isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu, ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, kanye nokungabali emgqeni, ukubhala ukhefana futhi ushiye isikhala phakathi kwamagama. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha ubazisa nangenqubekela phambili yabo, ungashiya isikhala ngemva kukakhefana ophakathi kwegama. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabukela ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, emadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umsindo	mp mp mp mp mp
Uhlu	Uhlu lokuthenga – isinkwa, ubisi, ama-apula, ushukela, itiye, ujamu
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda amagama afundwayo.

DAY / USUKU 2					
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1		READING: Written comprehension UKUFUNDA: Ukuqonda okubhaliwe			
TIME / ISIKHATHI		30 minutes / imizuzu engama-30			
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO		• Khetha indatshana ezofundwa enamagama angama-60–70 (encwadini ye-DBE) • Izinhlobo zemibuzo: imibuzo ekunikeza izimpendulo ongakhetha kuzo; ukugcwalisa amagama angekho; ukulandelanisa izehlakalo ezisendabeni			
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA		• Incwadi ye-DBE amakhasi 70, 71			
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Ukufunda amakhasi encwadini ye-DBE kanye nokugcwalisa amagama angekho • Hlalisa kahle ikhosi. Kufanele babe nezincwadi zabo ze-DBE ezivulwe emakhasini 70/71. • Funda kanye nabafundi indatshana esemakhasini 70/71. • Funda imibuzo kanye nemisho engaphansi kwale mibuzo esekhasini lama-71 bese futhi utshela abafundi ukuba baqedele imisho engaphansi kwemibuzo. • Uma abafundi sebegede isivivinyo phinda ufunde imibuzo kanye nabafundi bese uqedela imisho. Bhala izimpendulo ebhodini. Abafundi bangazimakela umsebenzi wabo. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo. - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala (ongqi, okhefana, uphawu lokubuza, izibabazi) uma ufunda kuzwakale uphimsela				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 2–8 - Incwadi ye-DBE amakhasi 74, 75				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda indaba bese bephendula imibuzo ezincwadini ze-DBE					
Abafundi bonke Abafundi abavule ikhasi lama-74.75 ezincwadini ze-DBE bese bephendula imibuzo ekhasini lama-75.					
Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 4 no-5 - Funda amakhasi amabili bese ubuza noma yimuphi umbuzo mayelana namakhasi afundiwe. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzo ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola ngokungahleliwe abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda izincwadi neklasi lonke kanye nothisha (esifundweni sokufunda ngokuhlanganyela), bese uxoxa ngembangela nangomphumela - Ukwazi ukubona imininingwane ebalulekile kulokho obekufundwa, isib. Umlingiswa omkhulu kanye nesizinda - Veza imibono ngokufundiwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 106
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda indaba, ukuxoxa ngembangela nomphumela, ukubona abalingiswa abamqoka, isizinda kanye nokuveza umbono ngendaba - Cela abafundi bavule ikhasi le-106 Encwadini ye-DBE. - Fundela abafundi indaba ngezwi elicacile, nelizwakala kahle. Abafundi bangafunda kanye nawe. - Buza umfundi ukuthi uyini umlingiswa omqoka? (umuntu indaba emayelana naye) - Buza: Le ndaba imayelana nobani? Ubani umlingiswa omqoka? (intombazane) - Buza umfundi ukuthi sisuke sisho ukuthi uma sithi indaba inesizinda? (indawo noma izindawo okwenzeka kuzo indaba) - Buza: Yenzeka kuphi le ndaba? (phezulu ezintabeni Zokhahlamba; ngaphandle eqhweni) - Buza: Ingabe uyithandile indaba? Kungani? - Chazela abafundi ukuthi izindaba zinabalingiswa abamqoka, okuwukuthi umuntu indaba ikakhulukazi emayelana naye kanye nesizinda, okuwukuthi indawo noma izindawo okwenzeka kuzo indaba. Kungenzeka kube nendawo engaphezu kweyodwa lapho indaba yenzeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi kuvamile ukuthi kube nemiphumela uma senza okuthile noma singenzi okuthile. - Buza abafundi abambalwa: Wembethe izingubo eziningi. Kungani embethe izingubo eziningi? Kungenxa ngokuthi kuyabanda kakhulu. Uzwa ubuhlungu eminweni yakho. Kungani ezwa ubuhlungu eminweni yakhe? Kungenxa yokuthi iqhwa libanda kakhulu. Akanawo amaglavu. Yini eyenzekile ngenxa yokuthi akanawo amaglavu? Ufake amasokisi ezandleni zakhe. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revise the sound <i>mp</i> IMISINDO: Buyekeza umsindo <i>mp</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe • Wakha imisho okungenani eyishumi ngesonto esebenzisa imisindo efundiwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubuyekeza umsindo *mp*, ukubhala amagama kanye nemisho enomsindo *mp*

- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Qiniseka ukuthi abafundi baphethe incwadi yemisindo kanye nokubhala ngesandla namapensela emadeskini abo.
- Bhala amagama afundwayo aleli onto ebhodini.
- Funda amagama kanye nabafundi.
- Cela abafundi abambalwa ukuba bakhethe igama futhi batshele ikhosi umusho onaleli gama.
- Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba baqale ukubhala imisho yabo.
- Cela abafundi ukuba bakhethe amagama ayi-7 bese bebhala umusho wengama ngalinye, okuwukuthi isiyonke imisho eyi-7.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Bhala ngokwehlukanisa osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba • Sebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwezinhlamvu namagama • Kopisha futhi ubhale izinhlobo ezehlukene zemibhalo (isimemo esifushane esifana nesosuku lokuzalwa, imiyalezo, uhla)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi, ukusebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwamagama kanye nokukopisha umlayezo

- Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini.
- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. Kufanele babe nencwadi yemisindo kanye nokubhala ngesandla namapensela emadeskini abo.
- Tshela abafundi ukuthi baqaphele lapho ubhala izinhlamvu ebhodini.
- Bhala umyalezo ngokucophelela nobunono.
- Khumbuza abafundi lapho kuqala khona uhlamvu ngalunye nendlela oqhubeka ngayo ukulubhala, ukushiya izikhala phakathi kwamagama nokusebenzisa izimpawu zokubhala. Bakhumbuze futhi ukuthi bakhiwa kanjani osonhlamvukazi.
- Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa: Isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu, ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, kanye nokungabhalali emgqeni.
- Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha ubazisa nangenqubekela phambili yabo.
- Khumbuza abafundi ukuthi bangabukela ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, emadeskini abo kanye nasebhodini.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Umyalezo	• Shayela umama wakho ucingo emsebenzini. • Ngicela weneke izingubo.
-----------------	---

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala (ongqi, okhefana, uphawu lokubuza, izibabazi) uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela – encwadini yeklasu noma yakho noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo efundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: Iqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola ngokungahleliwe abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda izincwadi neklasi lonke kanye nothisha (esifundweni sokufunda ngokuhlanguyela), bese uxoxa ngembangela nangomphumela - Ukwazi ukubona imininingwane ebalulekile kulokho obekufundwa, isib. Umlingiswa omkhulu kanye nesizinda - Veza imibono ngokufundiwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 90, 91
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukufunda indaba, ukubona abalingiswa abamqoka, isizinda kanye nokuveza umbono ngendaba - Cela abafundi ukuba bavule ikhasi lama-90/91 Ezincwadini ze-DBE. - Fundela abafundi indaba ngezwi elicacile, nelizwakala kahle. Abafundi bangafunda kanye nawe. - Buza: Le ndaba imayelana nobani? Obani abalingiswa abamqoka? (abantwana; uSipoti, uBongi) - Buza: Yenzeka kuphi le ndaba? (ebhasini) - Buza: Ingabe uyithandile indaba? Kungani? - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING ASSESSMENT GROUP 2 (half) This assessment activity can be found in the planner and tracker UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 2 (uhhafu) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu eyi-15: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; eyi-10: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Sebenzisa osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho nasemagameni: abantu/izibongo/ amadolobha)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala nokuqondisisa

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukusebenzisa kahle izimpawu zokubhala kanye nosonhlamvukazi

- Ngaphambi kokufundisa lesi sifundo, bhala le misho ebhodini:
 - uya nini uvusi ekhaya
 - saya kodlala ibhola likanobhutshuzwayo nenaledi primary school
 - ulindiwe nojabu badle ubhanana ama-aphula amagilebhisi namawolintshi
 - ungakhulumi
 - likuphi izwe lasezambia ebalazweni
- Buza lokhu: **Sibasebenzisa kuphi osonhlamvukazi?** (ekuqaleni kwemisho, emagameni abantu, emagameni ezikole, emagameni amazwe)
- Cela abafundi beze ebhodini, bese befunda umusho wokuqala, bese bebhala usonhlamvukazi egameni eliwudingayo ngoshoki obomvu. Cela abafundi abehlukile ukuba beze benze into efanayo nakweminye imisho. Yelekelela abafundi uma bedinga usizo nilungise namaphutha.
- Buza lokhu: **Simsebenzisa kuphi ungqi?** (ekupheleni komusho)
- Cela abafundi beze ebhodini, bese befunda umusho wokuqala babeke ungqi ngoshoki obomvu uma umusho kufanele ube nongqi. Cela abafundi abehlukile ukuba beze benze into efanayo nakweminye imisho. Yelekelela abafundi uma bedinga usizo nilungise namaphutha.
- Buza lokhu: **Silusebenzisa nini uphawu lokubuza?** (uma kubuzwe umbuzo)
- Cela abafundi beze ebhodini, bese befunda umusho wokuqala babeke uphawu lokubuza ngoshoki obomvu uma umusho kufanele ube nophawu lokubuza. Cela abafundi abehlukile ukuba beze benze into efanayo nakweminye imisho. Yelekelela abafundi uma bedinga usizo nilungise namaphutha.
- Buza lokhu: **Simsebenzisa nini ukhefana?** (uma kunohlu lwezinto noma uma sifuna ukuthatha umoya uma umusho umude)
- Cela abafundi beze ebhodini, bese befunda umusho wokuqala, baphinde babeke ukhefana ngoshoki obomvu uma umusho kufanele ube nokhefana. Cela abafundi abehlukile ukuba beze benze into efanayo nakweminye imisho. Yelekelela abafundi uma bedinga usizo nilungise namaphutha.
- Buza lokhu: **Silusebenzisa nini uphawu lokubabaza?** (uma sifuna ukukhombisa ukumangala, ukwethuka noma ukumemeza)
- Cela abafundi beze ebhodini, bese befunda umusho wokuqala, bese bebekha uphawu lokubabaza ngoshoki obomvu uma umusho kufanele ube nophawu lokubabaza. Cela abafundi abehlukile ukuba beze benze into efanayo nakweminye imisho. Yelekelela abafundi uma bedinga usizo nilungise namaphutha.
- Ekupheleni kwesifundo khumbuza abafundi lokhu:
 - Sisebenzisa osonhlamvukazi ekuqaleni kwemisho, emagameni abantu, emagameni ezikole, emagameni amazwe.
 - Sisebenzisa ungqi ekupheleni komusho.
 - Sisebenzisa uphawu lokubuza uma kubuzwe umbuzo.
 - Sisebenzisa uphawu lokubabaza uma sifuna ukukhombisa ukumangala, ukwethuka noma ukuthatheka.
 - Sisebenzisa ukhefana ukwehlukanisa izinto uma kunohlu lwezinto noma uma sifuna ukuthatha umoya uma umusho umude.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA										
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30										
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala (ongqi, okhefana, uphawu lokubuza, izibabazi) uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda										
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Awu, Mnu Nkawu!</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela – encwadini yeklasu noma yakho noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo efundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika										
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI											
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: Iqembu 3 no-4 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola ngokungahleliwe abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.											
<table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>						Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5						
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.										

DAY / USUKU 5

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lomsindo												
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15												
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isib. umunwe • Ukwazi ukupela amagama ayishumi ngesonto afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo												
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Izincwadi zokuhlola												
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI													
Injongo yesifundo: Ukuhlolwa kwamagama anomsindo nd • Cela abafundi ukuba: ◦ babhale isihloko esithi “Isivivinyo sesibizelo” encwadini yemisindo neyokubhala ngesandla. ◦ bagoqe iphepha phakathi nendawo ngobude, bese bebhala izinombolo kusuka ku 1-5 eduze komugqa obomvu, bese bebhala izinombolo kusuka koku-6-10 phakathi nendawo nekhasi. • Biza inombolo 1, bese ubiza negama lesibizelo. • Abafundi mababhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1. • Uma bengakwazi ukubhala lelo gama, mabadwebe umgqana omfishane eduze kwenombolo. • Uma sebeqedile ukubhala batshele ukuthi umfundi ngamunye uzozipha amaphuzu encwadini yakhe. • Bhala igama lokuqala ebhodini. • Tshela abafundi babeke u - ✓ eduze kwegama uma belibhale kahle. Uma bengalibhalanga kahle, mababhale elinye kahle eduze kwalo. • Qhubeka ngendlela efanayo uze uqede wonke amagama. • Uma abafundi sebeqedile ukumaka, qoqa zonke izincwadi zabo zokubhala, bese uqaphela labo bafundi ababhale kabi amagama angaphezulu kwanguhhafu ukuze ubelekelele. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.													
<table border="1"> <thead> <tr> <th>Isivivinyo sesibizelo</th><th>Usuku</th></tr> </thead> <tbody> <tr> <td>1. impela</td><td>6. umpompi</td></tr> <tr> <td>2. impelesi</td><td>7. impempe</td></tr> <tr> <td>3. izimpiko</td><td>8. impongo</td></tr> <tr> <td>4. impilo</td><td>9. impophoma</td></tr> <tr> <td>5. izimpimpi</td><td>10. izimpethu</td></tr> </tbody> </table>		Isivivinyo sesibizelo	Usuku	1. impela	6. umpompi	2. impelesi	7. impempe	3. izimpiko	8. impongo	4. impilo	9. impophoma	5. izimpimpi	10. izimpethu
Isivivinyo sesibizelo	Usuku												
1. impela	6. umpompi												
2. impelesi	7. impempe												
3. izimpiko	8. impongo												
4. impilo	9. impophoma												
5. izimpimpi	10. izimpethu												

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala (ongqi, okhefana, uphawu lokubuza, izibabazi) uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo – <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 2, 3, 4 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela – encwadini yeklasu noma yakhe noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo efundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi ecwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: Iqembu 5 kanye nanoma yiliphi iqembu elidinga ukusekelwa - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola ngokungahleliwe abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Ukusekelwa	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Sebenzisa inkathi yamanje nedlule ngendlela efanele • Sebenzisa kahle osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho emagameni,abantu/ izibongo/amadolobha) nezimpawu zokubhala • Qala ukupela amagama ajwayelekile ngokufanele • Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Izincwadi zokubhala, amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukusebenzisa kahle inkathi yamanje kanye nenkathi edlule Ngaphambi kwalesi sifundo bhala imisho elandelayo ebhodini: 1) Umfana ulanda incwadi yakhe. 2) Intombazane igijime yaya ekhaya kubo. 3) Inja igxumela edamini. 4) Ikati lidla ukudla kwalo. 5) Uye esikoleni. • Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. • Abafundi kufanele babe nepensela kanye nezincwadi zabo zokubhala emadeskini abo. • Cela umfundi ukuba atshele iklasi ukuthi iyini inkathi yamanje (yinto eyenzeka manje) kanti omunye umfundi kufanele asho ukuthi iyini inkathi edlule (yinto eseyenzekile; esiphelile) • Khomba umusho wokuqala bese uwufundela iklasi. Cela umfundi asho lo musho ube <i>senkathini edlule</i>. Siza umfundi uma engenzanga kahle. Umfundi kufanele bese ebhala umusho ebhodini. • Khomba umusho wesibili bese ucela umfundi ukuba asho lo musho ube <i>senkathini yamanje</i>. Siza umfundi uma engenzanga kahle. Umfundi kufanele bese ebhala umusho ebhodini. • Tshela abafundi ukuba babhale imisho esenkathini yamanje ibe senkathini edlule kanye nemisho esenkathini edlule ibe senkathini yamanje. • Hamba phakathi kwabo futhi usize lapho kunesidingo. • Thatha izincwadi bese uzimaka. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 4

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / Amahora ayisi-7
---	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE REST OF THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KULO LONKE ISONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	Isigqoko
BOOK / INCWADI	<i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 2, 3, 4
GROUP GUIDED READING ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO	
• Uzo funani umndeni? (izingubo) • Uyazithanda yini umama izicathulo zakhe? Wazi kanjani wena? • Ubaba ufunani yena? (izibuko zelanga) • Uzosigqoka nini ugogo isigqoko sakhe? (uzosigqoka)	

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING ASSESSMENT GROUP 3 This assessment activity can be found in the planner and tracker UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 3 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu engama-30: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; engama-25: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introducing the sound: mv IMISINDO: Ukwethula umsindo: mv
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe • Wakha imisho okungenani eyishumi ngesonto esebenzisa imisindo efundiwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi: mv • Amagama afundwayo: imvelo; imvunulo; imvamisa; imvuthuluka; imvukuzane; imvomve; imvubu; uvemvane; umvemve; imvula; imvakazi • Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla, amapensela • Izincwadi zomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo mv, ukubhala amagama nemisho enomsindo mv	
- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo uzowanika umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama afundwayo anomsindo: mv. - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho. - Khombisa abafundi ifleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa. - Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo. - Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto. - Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo. - Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma. - Cela abafundi abambalwa bakhethe igama elilodwa futhi batshele iklasi umusho onaleli gama. - Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo. - Cela abafundi bakhethe amagama amahlanu bese bebhala umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi imisho emi-5 isiyonke. - Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala ngokwehlukanisa osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba - Sebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwezinhlamvu namagama - Kopisha futhi ubhale izinhlobo ezehlukene zemibhalo (isimemo esifushane esifana nesosuku lokuzalwa, imiyalezo, uhla)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi, ukushiya izikhala ezifanele emagameni kanye nokukopisha isimemo esifushane	
- Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuthi baqaphele lapho ubhala izinhlamvu ebhodini. - Khumbuza abafundi ukuthi lubunjwa kanjani uhlamvu ngalunye olwakha umsindo. - Bhala isimemo ngokucophelela nangobunono. - Khumbuza abafundi lapho kuqala khona uhlamvu ngalunye nendlela oqhubeka ngayo ukulubhala, ukushiya izikhala phakathi kwamagama nokusebenzisa izimpawu zokubhala. Bakhumbuze futhi ukuthi bakhiwa kanjani osonhlamvukazi. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa: Isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu, ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, kanye nokungabhali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha ubazisa nangenqubekela phambili yabo. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabukela ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, emadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umsindo	N, O, P, Q, R, S, T, U, V, W, X, Y, Z
Isimemo	Thabo Othandekayo, Uyamenywa ukuba ube semcimbini ozoba ngehora lesi-2 ntambama kwanombolo 205, emgwaqeni uNaledi. Yimina, uThandi
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda amagama afundwayo

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 2, 3, 4 - Amafleshi-khadi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho – isigqoko - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika.

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukulalela indaba kanye nokwazi ukufunda amagama owafunda ngokuwabuka

Ukuzilungiselela ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: abafundi bonke

- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Fundela abafundi indaba yonke.
- Phakamisa ifleshi-khadi ngalinye ngesikhathi, bese usho igama kabili ngokucacile, ngesikhathi abafundi bekubhekile belalele.
- Uma kunesidingo, chazela abafundi ukuthi igama lisho ukuthini ngokwenza umnyakazo, nokubakhombisa leyo nto noma isithombe saleyo nto.
- Cela abafundi bonke bafunde igama, bese ucela iqembu ngalinye kanye nomfundi ngamunye ukuthi afunde.
- Yethula igama elilandelayo ngendlela efanayo.
- Vezela abafundi la magama amabili ngokuwashintshanisa, ubacele ukuba bawafunde.
- Qhubeka ngale ndlela uze uwethule wonke amagama akulesi sifundo.
- Tshela abafundi ukuba bakhophe Amaphepha Okufunda noma bavule ezincwadini zomsebenzi wasekhaya ephepheni lokufunda.
- Abafundi mabasebenzise umbala owodwa ukuhlilikhla amagama abawafundile.
- Umsebenzi wasekhaya: Abafundi mabazilolonge ngokufundela abanye ngokuphimisela la magama ekhaya noma emphakathini.

Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke

Hlela abafundi ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela:

- Banikeze izincwadi.
- Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba.
- Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela.

Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 1

- Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili
- Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto
- Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo.
- Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Abafundi bonke

1

2

3

4

5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala (ongqi, okhefana, uphawu lokubuza, izibabazi) uma ufunda kuzwakale uphimisela				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo – <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 2, 3, 4 - Incwadi ye-DBE ikhasi 84				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke badweba isithombe sesilwane bese bebhala ngalesi silwane ezincwadini ze-DBE Abafundi bonke - Abafundi abavule ikhasi lama-84 ezincwadini ze-DBE futhi badwebe isithombe sesilwane bese bebhala ngalesi silwane. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: Iqembu 2 no-3 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda izincwadi neklasi lonke kanye nothisha bese ubonisana nabafundi ngembangela yezehlakalo - Zifundise ukwazi ukubona imininingwane ebalulekile kulokho obekufundwa, isib. Umlingiswa omkhulu kanye nesizinda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 118
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda indaba, ukuxoxa ngembangela nomphumela kanye nokubona abalingiswa abakhulu nesizinda - Cela abafundi ukuba bavule ikhasi le-118 encwadini ye-DBE. - Funda indaba kanye nabafundi. - Cela umfundi ngamunye ukuba eze ngaphambili edeskini lakho futhi aphenyule imibuzo elandelayo: - Yisho lokhu: Kungani uJabu kwadingeka agijime ukuze ayogibela ibhasi? (Kungenxa yokuthi wayeseshiywe yisikhathi) Wahamba ngezinyawo ukuya esikoleni. Kungani kwadingeka ukuba ahambe ngezinyawo ukuya esikoleni? (ibhasi yamshiya.) UJabu wephuza ukufika esikoleni. Kungani ephuza ukufika esikoleni? (Kungenxa yokuthi wahamba ngezinyawo.) Le ndaba imayelana nobani? Ubani umlingiswa omkhulu? (uJabu) Yenzeka kuphi le ndaba? Nikeza izindawo ezintathu. (ekhaya kwabo Jabu; endleleni; esikoleni) - Cabanga uphinde ubhale ngalesi sifundo.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revise the sound: <i>mv</i> IMISINDO: Buyekeza umsindo: <i>mv</i>
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe • Wakha imisho okungenani eyishumi ngesonto esebenzisa imisindo efundiwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubuyekeza umsindo <i>mv</i>, ukubhala amagama nemisho enomsindo <i>mv</i> • Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. • Qiniseka ukuthi abafundi baphethe incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla namapensela emadeskini abo. • Bhala amagama afundwa kuleli sonto ebhodini. • Funda amagama kanye nabafundi. • Cela abafundi abambalwa ukuba bakhethe igama bese betshela ikhosi umusho onaleli gama. • Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo. • Cela abafundi bakhethe amagama ayi-7 futhi babhale umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi isiyonke imisho eyi-7. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Bhala ngokwehlukanisa osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba • Sebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwezinhlamvu namagama • Kopisha futhi ubhale izinhlobo ezehlukene zemibhalo (isimemo esifushane esifana nesosuku lokuzalwa, imiyalezo uhla, njll)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi, ukushiya izikhala emagameni kanye nokukopisha uhla • Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. • Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. • Tshela abafundi ukuthi baqaphele lapho ubhala izinhlamvu ebhodini. • Bhala ngokucophelela nobunono umusho, bese ubhala nohlu lwamagama olungezansi. • Khumbuza abafundi lapho kuqala khona uhlamvu ngalinye nendlela oqhubeka ngayo ukulubhala, ukushiya izikhala phakathi kwamagama nokusebenzisa izimpawu zokubhala. Bakhumbuze futhi ukuthi bakhiwa kanjani osonhlamvukazi. • Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa: Isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu, ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, kanye nokungabali emgqeni. • Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha ubazisa nangenqubekela phambili yabo. • Khumbuza abafundi ukuthi bangabukela ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, emadeskini abo kanye nasebhodini. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umusho	• Ngokuvamile omakoti bavunula ngemvakazi ende kakhulu.
Uhla	• Thembisile, Gugulethu, Sinenhlanhla, Dumisani, Senelisiwe, Bethabile

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	READING: Written comprehension UKUFUNDA: Ukuqonda okubhaliwe								
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30								
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Khetha indatshana ezofundwa enamagama angama-60–70 (encwadini ye-DBE) • Izinhlobo zemibuzo: imibuzo ekunikeza izimpendulo ongakhetha kuzo; ukugcwalisa amagama angekho; ukulandelanisa izehlakalo ezisendabeni								
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi ye-DBE amakhasi 78, 79								
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI									
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukufunda amakhasi encwadini ye-DBE kanye nokuphendula imibuzo									
• Hlalisa kahle iklasi. Kufanele babe nezincwadi zabo ze-DBE ezivulwe emakhasini 78/79. • Funda kanye nabafundi indatshana esemakhasini lama-78/79. • Funda imibuzo esikhasini lama-78/79 kanye nabafundi bese ubatshela ukuba babhale izimpendulo zemibuzo ngaphansi kwemibuzo. • Uma abafundi sebeqede isivivinyo phinda ufunde imibuzo kanye nabafundi bese ubhala izimpendulo ebhodini. Abafundi bangazimakela umsebenzi wabo. • Yibe usutshela abafundi ukuba bavule ikhasi lama-89 futhi babheke izithombe. Buza umfundi ukuthi yisiphi isithombe esibonisa ingxenye yokuqala yendaba; umfundi kufanele asho isithombe sesithathu lapho behlezi khona ebhasini; Tshela umfundi ukuba abhale unombolo 1 kuleli bhokisi; landela inqubo efanayo nangezinye izithombe. Izinombolo emabhokisini ziyoba njengoba ziboniswe ngezansi.									
<table><tr><td>3</td><td>4</td></tr><tr><td>1</td><td>2</td></tr></table>						3	4	1	2
3	4								
1	2								
• Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.									
Abafundi bonke	1	2	3	4	5				

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda izincwadi neklasi lonke kanye nothisha bese ubonisana nabafundi ngembangela yezehlakalo - Zifundise ukubona imininingwane ebalulekile kulokho obekufundwa, isib. Umlingiswa omkhulu kanye nesizinda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 102
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukufunda indaba, ukuxoxa ngembangela nomphumela kanye nokubona abalingiswa abakhulu nesizinda - Cela abafundi ukuba bavule ikhasi le-102 encwadini ye-DBE. - Funda indaba kanye nabafundi. - Cela umfundi ngamunye ukuba aphenyule imibuzo elandelayo: Le ndaba imayelana nobani? Obani abalingiswa abakhulu? (uSipoti noMimi) Yenzeka kuphi le ndaba? Nikeza izindawo ezimbili. (ekhaya kwabo Mimi nasegadini) - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 2 (half) This assessment activity can be found in the planner and tracker UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 2 (uhhafu) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu eyi-15: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; eyi-10: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Sebenzisa inkathi yamanje nedlule ngendlela efanele • Sebenzisa kahle osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho emagameni, abantu/izibongo/ amadolobha) nezimpawu zokubhala • Qala ukupela amagama ajwayelekile ngokufanele • Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Izincwadi zokubhala, amapensela

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukusebenzisa kahle inkathi yamanje kanye nenkathi edlule

Ngaphambi kwalesi sifundo bhala imisho elandelayo ebhodini:

- 1) Ngidla ukudla kwami kwasemini esikoleni.
 - 2) Sidlale ibhola likanobhutshuzwayo ngekhefu sabe sesiya eklasini.
 - 3) Babhukuda olwandle.
 - 4) Upheke ukudla wabe esefunda incwadi yakhe.
 - 5) Ugeza izitsha bese ebukela i-TV.
- Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele.
 - Abafundi kufanele babe nepensela kanye nezincwadi zabo zokubhala emadeskini abo.
 - Cela umfundi ukuba atshele ikhosi ukuthi iyini inkathi yamanje (yinto eyenzeka manje) kanti omunye umfundi kufanele asho ukuthi iyini inkathi edlule (yinto eseyenzekile; esiphelile)
 - Khomba umusho wokuqala bese uwufundela ikhosi. Cela umfundi asho lo musho ube *senkathini edlule*. Siza umfundi uma engenzanga kahle. Umfundi kufanele bese ebhala umusho ebhodini.
 - Khomba umusho wesibili bese ucela umfundi ukuba asho lo musho ube *senkathini yamanje*. Siza umfundi uma engenzanga kahle. Umfundi kufanele bese ebhala umusho ebhodini.
 - Tshela abafundi ukuba babhale imisho esenkathini yamanje ibe senkathini edlule kanye nemisho esenkathini edlule ibe senkathini yamanje.
 - Hamba phakathi kwabo futhi usize lapho kunesidingo.
 - Thatha izincwadi bese uzimaka.
 - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo • Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa • Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde • Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu • Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo • Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 2, 3, 4 • Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafundi ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 4 no-5 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokupondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzela ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA - Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.					

DAY / USUKU 5																			
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lomsindo																		
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15																		
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isib. umunwe • Ukwazi ukupela amagama ayishumi ngesonto afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo																		
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Izincwadi zokuhlola																		
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI																			
Injongo yesifundo: Ukuhlola ngokungahleliwe kwamagama afundwayo anomsindo-mv																			
• Cela abafundi ukuba: ◦ babhale isihloko esithi “Isivivinyo sesibizelo” encwadini yemisindo neyokubhala ngesandla. ◦ bagoqe iphepha phakathi nendawo ngobude, bese bebhala izinombolo kusuka ku 1-5 eduze komugqa obomvu, bese bebhala izinombolo kusuka koku-6-10 phakathi nendawo nekhasi. • Biza inombolo 1, bese ubiza negama lesibizelo. • Abafundi mababhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1. • Uma bengakwazi ukubhala lelo gama, mabadwebe umgqana omfishane eduze kwenombolo. • Uma sebeqedile ukubhala batshele ukuthi umfundi ngamunye uzozipha amaphuzu encwadini yakhe. • Bhala igama lokuqala ebhodini. • Tshela abafundi babeke u - ✓ eduze kwegama uma belibhale kahle. Uma bengalibhalanga kahle, mababhale elinye kahle eduze kwalo. • Qhubeka ngendlela efanayo uze uqede wonke amagama. • Uma abafundi sebeqedile ukumaka, qoqa zonke izincwadi zabo zokubhala, bese uqaphela labo bafundi ababhale kabi amagama angaphezulu kwanguhhafu ukuze ubelekelele. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.																			
<table><tr><th colspan="2">Isivivinyo sesibizelo</th><th>Usuku</th></tr><tr><td>1. imvelo</td><td>6. imvubu</td><td></td></tr><tr><td>2. imvuthuluka</td><td>7. imvunulo</td><td></td></tr><tr><td>3. imvukuzane</td><td>8. imvula</td><td></td></tr><tr><td>4. imvamisa</td><td>9. imvakazi</td><td></td></tr><tr><td>5. uvemvane</td><td>10. umvimbi</td><td></td></tr></table>		Isivivinyo sesibizelo		Usuku	1. imvelo	6. imvubu		2. imvuthuluka	7. imvunulo		3. imvukuzane	8. imvula		4. imvamisa	9. imvakazi		5. uvemvane	10. umvimbi	
Isivivinyo sesibizelo		Usuku																	
1. imvelo	6. imvubu																		
2. imvuthuluka	7. imvunulo																		
3. imvukuzane	8. imvula																		
4. imvamisa	9. imvakazi																		
5. uvemvane	10. umvimbi																		

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 2, 3, 4 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza nanoma yimaphi amaqembu adinga ukusekelwa - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Ususekelwa	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala indaba yakho okungenani enesigatshana esisodwa (okungenani esinemisho emihlanu) usebenzisa uhlaka lokubhala - Sebenzisa osonhlamvukazi (ekuqaleni komusho emagameni, abantu - izibongo/amadolobha
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala indaba usebenzisa uhlaka lwendaba kanye nokusebenzisa kahle izimpawu zokubhala - Ngaphambi kwalesi sifundo, bhala uhlaka lwendaba yabafundi olulandelayo ebhodini. Iholide lami-----. - Ngesikhathi ngiseholidini lami -----. - Ngezwa/ngabona ----- Ngazizwa -----. - Sa/nga/thanda\asi\angi\thandanga ----- noma Ekugcineni sa/nga\asi\angi-----. - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zabo zokubhala kanye namapensela emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi namuhla bazobhala indaba emayelana namaholide abo. Bangabhala ngeholide langempela noma abaziqambela lona. - Yisho lokhu: Kunemisho ebhodini engakusiza ukuba wakhe kahle indaba yakho. Kufanele usebenzise le misho. - Yisho lokhu: Isihloko sendaba sithi: Iholide lami ----- Bhala isihloko sendaba yakho. Kufanele ufake igama elichaza iholide lakho. - Yisho lokhu: Ngesikhathi ngiseholidini lami ----- Kufanele ubhale okungenani imisho emi-2 esethulweni sendaba yakho. - Yisho lokhu: Ngezwa/ngabona -----, Ngazizwa -----, (Chazela abafundi ukuthi bangakhetha) Kufanele ubhale imisho emi-2 emzimbeni wendaba yakho. - Yisho lokhu: Sa/nga/thanda\asi\angi\thandanga----- noma Ekugcineni sa/nga\asi\angi-----, (Chazela abafundi ukuthi bangakhetha). Kufanele ubhale imisho emi-2 yesiphetho sendaba yakho. - Khumbuza abafundi ukuba babhekisise/balungise izindaba zabo uma sebeqedile. - Hamba phakathi kwabafundi ngesikhathi bematasatasa bebhala. - Qoqa izincwadi kubafundi futhi umake izindaba. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 5

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / Amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	Awekho amagama
BOOK / INCWADI	<i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 5, 6, 7, 8
GROUP GUIDED READING ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO	
• Senziwe ngani isikhafu sikamkhulu? (ngensonto) • Ukhetha ihembe elinombala onjani umfowabo? (oluhlaza cwe) • Ubani umama acabanga ukuthi akanazo izimpahla zokugqoka? (Ayoyo) • Akatholanga lutho yini u-Ayoyo? Wazi kanjani?	

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 4 This assessment activity can be found in the planner and tracker UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 4 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu engama-30: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; engama-25: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introducing the new sound cw IMISINDO: Ukwethula umsindo omusha cw
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isib. umunwe • Ukwazi ukupela amagama ayishumi ngesonto afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi: cw • Amagama afundwayo – cwazimula; ucwephe; ukuzicwala; cwecwa; cwaninga; cwala; cwilisa; cwebhezela; ucwaningo; cwenga • Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla, amapensela • Izincwadi zomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo cw, ukubhala amagama nemisho enomsindo cw

- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo uzowanika umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama afundwayo anomsindo: cw.**
- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto.

- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma.
- Cela abafundi abambalwa bakhethe igama elilodwa futhi batshele ikhosi umusho onaleli gama.
- Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo.
- Cela abafundi bakhethe amagama amane bese bebhala umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi imisho emi-4 isiyonke.
- Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING ASSESSMENT WHOLE CLASS This assessment activity can be found in the planner and tracker UKUBHALA NGESANDLA UKUHLOLA ABAFUNDI BONKE Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

DAY / USUKU 2					
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1		GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA			
TIME / ISIKHATHI		30 minutes / imizuzu engama-30			
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO		- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda			
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA		- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika			
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Hlela abafundi ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela: - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola ngokungahleliwe abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Ukusekelwa	1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Incwadi ye-DBE ikhasi 92				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke baqondanisa izingxenywe zemisho ukwenza umusho bese bebhala imisho Abafundi bonke - Cela abafundi bavule ekhasini lama-92 encwadini ye-DBE. Kufanele baqedele umsebenzi engasekupheleni kwekhasi lama-92 (qondanisa izingxenywe zemisho ukuze wenze umusho bese ubhala imisho). Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 3 no-4 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda izincwadi neklasi lonke kanye nothisha bese ubonisana nabafundi ngembangela nomphumela - Phendula imibuzo esezingeni eliphakeme - Bona imininingwane emqoka kulokho obekufundwa njengabalingiswa abamqoka kanye nesizinda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 118
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukulalela indaba, ukubona imbangelanga kanye nomphumela, ukuphendula imibuzo esezingeni eliphakeme kanye nokubona umlingiswa omqoka nesizinda sendaba - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Fundela abafundi indaba esekhasini le-118 encwadini ye-DBE. - Buza umfundi ngamunye imibuzo elandelayo: - Ubani umlingiswa omqoka kule ndaba? (uJabu) - Yenzeka kuphi le ndaba, okuwukuthi siyini isizinda sayo? (ekhaya kwabo Jabu nasesikoleni) - Kungani ibhasi engayitholanga? (Kungenxa yokuthi wephuzela ukulala) - Ucabanga ukuthi uSipoti,inja yini ezoyenza uma befika esikoleni? (izobuyela ekhaya; izohlala enkundleni yezemidlalo njll) - Kungani uthisha abuza isikhathi kuJabu? (Wayemkhombisa ukuthi wephuze kakhulu ukufika esikoleni) - Ucabanga ukuthi kufanele ajeziswe ngokuthi wephuzile ukufika esikoleni? Kungani kunjalo? Kungani kungenjalo? - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Introducing the new sound: dw IMISINDO: Ukwethula umsindo omusha: dw
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwagama, isb. umunwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi: dw • Amagama afundwayo – udwendwe; umudwa; isidwedwe; idwebela; idwala • Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla, amapensela • Izincwadi zomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo dw, ukubhala amagama nemisho enomsindo dw

- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo uzowanika umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama afundwayo anomsindo: dw.**
- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto.
- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma.
- Cela abafundi abambalwa bakhethe igama elilodwa futhi batshale ikhosi umusho onaleli gama.
- Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo.
- Cela abafundi bakhethe amagama amane bese bebhala umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi imisho emi-4 isiyonke.
- Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Bhala ngokwehlukana osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba • Sebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwezinhlamvu namagama • Kopisha futhi ubhale isigatshana esinemigqa emi-3-4 esendabeni ebhaliwe (indaba, inkondlo, njll.)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla • Izincwadi ze-DBE ikhasi 102

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi, ukushiya izikhala ezifanele phakathi kwamagama nokukopisha imigqa emi-3 ezincwadini ze-DBE

- Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. Kufanele babe nezincwadi ze-DBE emadeskini abo.
- Cela abafundi ukuba bavule ikhasi le-102.
- Tshela abafundi bakopishe imigqa emi-3 esukela lapho kuthi khona 'Kwafahlaka' kuye 'esichotho' ekhasini le-102. Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa: Isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu, ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu kanye nokungabali emgqeni; ukungashiya isikhala phakathi kwamagama; ukungaqali umusho ngosonhlamvukazi, ukungawuphethi ngongqi.
- Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha ubazisa nangenqubekela phambili yabo.
- Khumbuza abafundi ukuthi bangabukela ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, emadeskini abo kanye nasebhodini.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo. - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 5 no-1 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Sebenzisa izinto ezibonakalayo ukuthola inhloso yesikhangisi kanye nabantu esibhekiswe kubo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Isikhangiso
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Sebenzisa izinto ezibonakalayo ukuthola inhloso kanye nabantu esibhekiswe kubo isikhangiso - Khetha isikhangiso ongakaze usisebenzise ngaphambili. - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Khetha abafundi aba-4 abehlukene futhi ngokushintshana unikeze abafundi isikhangiso. - Cela umfundi ngamunye ukuba axoxele ikhosi ukuthi yini ayibona kwisikhangiso. - Buza lokhu: Yini ekhangiswa yilesi sithombe? Yini abafunda ukuba siyithenge? Ucabanga ukuthi obani abangathenga lokhu? Ingabe ungakuthenga lokhu? Kungani kunjalo? Kungani kungenjalo? - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu eyi-15: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; eyi-10: umsebenzi
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Ukukhuluma ngezehlakalo zempilo yakho njengokuxoxa izindaba bese wethula imizwa nemibono ngayo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Azikho

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukukhuluma ngalokho abafuna ukukwenza ngale mpelasonto ezayo

- Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke babheke wena.
- Chazela abafundi ukuthi bazoxoxelana ngalokho abangathanda ukukwenza kule mpelasonto ezayo. Kufanele bacabangisise kahle ngalokho abakushoyo ngoba akufanele kube khona abakuphindayo. Bakhumbuze ukuthi abakushoyo kufanele kube senkathini ezayo ngoba impelasonto ayikakafiki manje isesikhathini esizayo.
- Abafundi bayaxoxelana ukuthi yini abafuna ukuyenza ngale mpelasonto.
- Tshela abafundi ukuthi umfundi ongakhulumi ngokuthi yini afuna ukuyenza ngale mpelasonto kufanele alalelisise kahle futhi uma oxoxa indaba ephinda akushilo kufanele amtshele ukuthi uphinda akushilo.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala isigaba esisodwa (okungenani esinemisho emi-5) ngezehlakalo zempilo yakho noma izigameko njengezindaba zansukuzonke. - Sebenzisa kahle osonhlamvukazi nezimpawu zokubhala - Sebenzisa indlela yombhalo: umbhalo wokuqala, umbhalo ophelele, ukubhekisisa ukulungisa ukubhala ngesandla nezimpawu zenkulumo (hlela), ushicilele umbhalo wakho. - Qala ukupela amagama ajwayelekile ngokufanele. - Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu. - Fundela omunye lokho okubhalile.
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Izincwadi zokubhal nokuqondisisa - Iphosta: <i>Izinkathi Zonyaka</i>

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubhala isigaba, ukusebenzisa kahle izimpawu zokubhala kanye nendlela yombhalo

- Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zabo zokubhala nokuqondisisa kanye nepensela emadeskini abo.
- Tshela abafundi ukuthi bazobhala ngenkathi yonyaka abayithandayo nokuthi kungani beyithanda. Bangasebenzisa iphosta ukuthola imibono.
- Cela abafundi aba-4 noma aba-5 ukuba batshele ikhosi ngenkathi yonyaka yabo abayithandayo kanye nokuthi kungani beyithanda.
- Tshela abafundi ukuba bavale amehlo abo bese becabanga ngenkathi yonyaka yabo abayithandayo.
- Ngemva kwemizuzu ecishe ibe mi-2 tshela abafundi ukuthi kufanele babhale isigaba, semisho okungenani emi-5 ngenkathi yonyaka yabo abayithandayo.
- Khumbuza abafundi ukuthi isigaba yisethi yemisho emayelana nengqikithi. Yonke imisho kufanele ibe nokuxhumana. Kufanele banikeze umbhalo wabo isihloko. Khumbuza abafundi ukuthi basebenzise osonhlamvukazi kanye nongqi.
- Abafundi kufanele babhale usuku nesihloko sesigaba sabo.
- Tshela abafundi ukuba baqale ukubhala. Bangaletha izichazamazwi zabo kuwe ukuze ubabhalele igama okungenzeka bangakwazi ukulipela. Ngaphambi kokuba balethe kuwe kodwa kufanele bazame ukuliphimisa igama ukuze balipele ngokwabo.
- Hamba phakathi kwabo futhi usize lapho kudingeka.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA											
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30											
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda											
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika											
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI												
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 2 no-3 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.												
<table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>							Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5							
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.											

DAY / USUKU 5					
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revising the sound: cw and dw IMISINDO: Ukubuyekeza umsindo: cw no-dw				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe - Wakha imisho okungenani eyishumi ngesonto esebenzisa imisindo efundiwe. - Ukwazi ukupela amagama ayishumi afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla				

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubuyekeza umsindo cw, dw, ukubhala amagama kanye nemisho enemisindo cwa, dw - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Qiniseka ukuthi abafundi baphethe incwadi yemisindo kanye nokubhala ngesandla namapensela emadeskini abo. - Bhala amagama afundwayo angaleli sonto ebhodini. - Funda amagama kanye nabafundi. - Cela abafundi abambalwa ukuba bakhethe igama bese befundela ikhosi umusho onalelo gama. - Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo. - Cela abafundi ukuba bakhethe amagama ayi-7 (kufanele bakhethe amagama ama-3 ano-cw kanye namagama ama-4 ano-dw) bese bebhala umusho wegama ngalinye, okuwukuthi isiyonke imisho eyi-7. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo. - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo. - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Esitolo Sezingubo</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - incwadi ye-DBE amakhasi 94, 95

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda indaba bese bebhala izimpendulo zemibuzo ezincwadini ze-DBE					
Abafundi bonke					
Cela abafundi bavule emakhasini 94 no-95 encwadini ye-DBE, baphendule imibuzo esekhasini lama-95.					
Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 4 no-5					
- Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala isigaba esisodwa (okungenani esinemisho emi-5) ngezehlakalo zempilo yakho noma izigameko njengezindaba zansukuzonke - Sebenzisa kahle osonhlamvukazi nezimpawu zokubhala - Sebenzisa indlela yombhalo: umbhalo wokuqala, umbhalo ophelele, ukubhekisisa ukulungisa ukubhala ngesandla nezimpawu zenkulumo (hlela), ushicilele umbhalo wakho - Qala ukupela amagama ajwayelekile ngokufanele - Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala nokuqondisisa
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukusebenzisa indlela yombhalo ngokuhlela indaba ebhaliwe - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zokubhala ezivulwe lapho babhale khona indaba yabo emayelana nenkathi yonyaka abayithandayo. - Yisho lokhu: Manje nizohlola futhi nihlele indaba yenu. Lokhu kusho ukuthi uzofunda indaba ubheke noma yimaphi amaphutha bese uzama ukuwalungisa. Bhala noma yikuphi ukulungisa ngaphezu kwegama elingalungile, noma ufake izimpawu zokubhala. Kufanele uhlale okulandelayo: - yonke imisho kufanele yenze umqondo; omunye umuntu kufanele akwazi ukuqonda lokho okubhalile. - umusho ngamunye kufanele uqale ngosonhlamvukazi ugcine ngongqi, uphawu lokubabaza noma uphawu lokubuza. - igama lomuntu, igama ledolobha negama lezwe kufanele aqale ngosonhlamvukazi. - indaba kufanele ibhalwe ngenkathi eyedlule. - isipelingi - Nikeza abafundi cishe imizuzu eyi-10 yokwenza lokhu. Hamba phakathi kwabo usize lapho kudingeka. - Ngemva kwemizuzu eyi-10 yithi: Kopisha umbhalo olungisiwe wendaba yakho ngaphansi kombhalo wokuqala wendaba. - Thatha izincwadi bese uzimaka. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani	

WEEK / ISONTO 6

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / Amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	Sokugcina
-------------------------------------	-----------

BOOK / INCWADI	<i>Isaqathe Esikhulukazi amakhasi 2, 3, 4</i>
-----------------------	---

GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO

- Imiphi imifino eyabe itshalwe umlimi uGule? (utamatisi, uletisi, amazambane, nezaqathe)
- Sasinenkinga yani isaqathe sokugcina? (sasibambebele singadonseki)
- Kungani sasibambebele kangaka lesi saqathe?

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 5 This assessment activity can be found in the planner and tracker UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 5 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
---------------------------------	---

TIME / ISIKHATHI	Imizuzu engama-30: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; engama-25: umsebenzi
-------------------------	--

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introducing the sound: gw IMISINDO: Ukwethula umsindo: gw
---------------------------------	---

TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
-------------------------	--------------------------------

Injongo yesifundo: Ukubhala isigaba, ukusebenzisa kahle izimpawu zokubhala, amagama afundwayo kanye nokusebenzisa indlela yombhalo - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zokubhala nokuqondisisa namapensela emadeskini abo. Kufanele bavule izincwadi ze-DBE ekhasini lama-86. - Tshela abafundi ukuthi bazobhala indaba ngosuku lwabo olwandle. Bangasebenzisa isithombe esisekhasini lama-86 ukuba basizakale. - Cela abafundi abambalwa ukuba batshele kafushane ikhosi ngezithombe. - Tshela abafundi ukuthi kufanele babhale isigatshana, okungenani esinemisho emi-5 ngosuku lwabo olwandle. - Kufanele umbhalo wabo bawunikeze isihloko. - Abafundi kufanele babhale usuku nesihloko sesigatshana sabo. - Khumbuza abafundi ukuthi kufanele babhekisise futhi balungise umsebenzi wabo uma sebeqedile ukubhala. - Tshela abafundi baqale ukubhala. - Qoqa izincwadi bese unikeza abafundi amaphuzu. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 8

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / Amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	Awekho amagama
BOOK / INCWADI	<i>Isaqathe Esikhulukazi</i> amakhasi 5, 6, 7, 8

GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHEMULWA NGOMLOMO

- Yisiphi isilwane sokuqala abasibiza ukuba sizobelekelela? (ingulube)
- Yisiphi isilwane sokugcina abasibiza ukuba sizobelekelela? (igundane)
- Yini eyabangela ukuba size siphume isaqathe?

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu engama-30: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; engama-25: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, babonise futhi baxoxe, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazoxoxela ikhosi ngayo.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukukhuluma ngezehlakalo zempilo yakho. Ngokwesibonelo ukuxoxa izindaba ngaphandle kokuphindaphinda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Azikho

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukukhuluma ngencwadi abayifundile noma abafundelwe yona

- Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke babheke wena.
- Chazela abafundi ukuthi namuhla bazoxoxela umngane/omunye umfundi ngencwadi abayifundile noma abafundelwe yona. Bangaya ngaphandle ngababili noma bahlale egumbini lokufundela. Bobabili abafundi kufanele bathole ithuba lokukhuluma.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introducing the sound: hw IMISINDO: Ukwethula umsindo: hw
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe • Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi: hw • Amagama afundwayo –ihwanqa; hwaphuluza; ukuhweba; ukuhwaya; umhwebi; hwitha; ukuhwaqabala; kuhwalele; hwabheka; • Izincwadi zomsebenzi wasekhaya • Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo hw, ukubhala amagama kanye nemisho enomsindo hw • Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama afundwayo anomsindo: hw. • Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. • Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho. • Khombisa abafundi ifleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa. • Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo. • Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto. • Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo. • Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma. • Cela abafundi ukuba bakhethe amagama amane futhi benze umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi imisho emi-4 isiyonke. • Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Bhala ngokwehlukanisa bonke osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane kahle nangokuzethemba nangokunembile • Sebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwamagama emshweni • Kopisha futhi ubhale ngendlela efanele isigatshana esinemigqa emi-3-4 esendabeni ebhaliwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla • Incwadi ye-DBE ikhasi 118
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala kahle izinhlamvu ezincane, osonhlamvukazi, nokusebenzisa izikhala ezifanele phakathi kwamagama emishweni kanye nokukopisha imigqa emi-4 esencwadini ye-DBE • Hlalisa kahle ikilasi ukuze abafundi bakunake futhi bakulalele. Kufanele babe nezincwadi zabo ze-DBE emadeskini abo. • Cela abafundi ukuba bavule ikhasi le-118. • Tshela abafundi ukuba bakopishe imigqa emi-4 esekhasini le-118 kusukela lapho kuthi khona <i>Umama</i> kuye lapho kuthi khona <i>yamshiya</i>. • Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isb., ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu; kanye nokungabhali emgqeni; ukungashiya isikhala phakathi kwamagama, ukungaqali umusho ngosonhlamvukazi, nokungagcini ngongqi. • Njengoba abafundi besebenza, hamba uzungeze phakathi kwabo ulungise amaphutha futhi unikeze abafundi ukusekelwa abakudingayo. • Khumbuza abafundi ukuthi bangabheka iphepha lendlela yokubhala ngesandla elisezincwadini zabo/emadeskini abo kanye nasebhodini ukuze bathole isiqondiso. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	READING ASSESSMENT: WRITTEN COMPREHENSION: WHOLE CLASS This assessment activity can be found in the planner and tracker UKUHLOLA UKUFUNDA: UKUQONDA OKUBHALIWE: ABAFUNDI BONKE Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	READING ASSESSMENT: WRITTEN COMPREHENSION: WHOLE CLASS This assessment activity can be found in the planner and tracker UKUHLOLA UKUFUNDA: UKUQONDA OKUBHALIWE: ABAFUNDI BONKE Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Funda izincwadi nekilasi lonke kanye nothisha futhi ubeke umbono ngalokho okufundiwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 62, 63

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda indaba kanye nokubeka umbono ngendaba

- Hlalisa kahle abafundi. Cela abafundi ukuba bavule ikhasi lama-62, 63 encwadini ye-DBE.
- Fundela abafundi indaba ngezwi elicacile, nelizwakala kahle. Abafundi bangafunda kanye nawe.
- Cela abafundi abehlukene ukuba baxoxele ikhasi ngokuthi iyiphi ingxenye abayithandile noma abangayithandanga endabeni kanye nokuthi kungani.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.



DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revising the sound: hw IMISINDO: Ukubuyekeza umsindo: hw
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundiwe - Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe - Wakha imisho okungenani eyishumi ngesonto esebenzisa imisindo efundiwe - Ukwazi ukupela amagama ayishumi afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubuyekeza umsindo hw, ukubhala amagama kanye nemisho enomsindo hw

- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Qiniseka ukuthi abafundi baphethe incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla namapensela etafuleni.
- Bhala amagama afundwayo angaleli sonto ebhodini.
- Funda amagama kanye nabafundi.
- Cela abafundi abambalwa ukuba bakhethe igama bese utshela ikhasi umusho onalelo gama.
- Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo.
- Cela abafundi ukuba bakhethe amagama ama-3 bese bebhala umusho wegama ngalinye, okuwukuthi isiyonke imisho emi-3.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Dweba amaphethini ukulungiselela ukubhala ngokuhlanganisa
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukudweba amaphethini ngokuhlanganisa noma ngokuxhumana - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphele lapho ubhala amaphethini ebhodini. Bakhombise ukuthi ulidweba kanjani iphethini ngaphandle kokuma endleleni, awuwuphakamisi ushoki. - Khumbuza abafundi ukuthi bangaliphakamisi ipensela lapho bedweba iphethini. Kufanele kufanele baqhubeka badwebe, bangami ndawo. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Iphethini	
Iphethini	
ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	READING ASSESSMENT: WRITTEN COMPREHENSION: WHOLE CLASS This assessment activity can be found in the planner and tracker UKUHLOLA UKUFUNDA: UKUQONDA OKUBHALIWE: ABAFUNDI BONKE Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlela neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
ACTIVITY 4 / UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Funda kahle amaculo, inkondlo, nemilolozelo (nothisha futhi kuxoxwe ngezakhiwo ezahlukehlukene, ngezilimi)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Iculo
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukucula iculo - Ngaphambi kwalesi sifundo, khetha noma yiliphi iculo ozoliclela abafundi. - Culela abafundi iculo. - Yisho lokhu: Amaculo yilokho esikuculayo ukuze sixoxe indaba noma sichaze ukuthi sizizwa kanjani ngento ethile. - Nikeza abafundi isibonelo eculweni oliculile. - Yisho lokhu: Amaculo aculwa ngamazwi kuphela noma ngezinsimbi zomculo. - Nikeza abafundi isibonelo eculweni oliculile. - Yisho lokhu: Amaculo anengxenywe ephindwayo okuthiwa yikhorasi. - Nikeza abafundi isibonelo eculweni oliculile. - Cula iculo nabafundi. Cela abafundi ukuba bachazele ikhosi ukuthi yini iculo. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULELELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu eyi-15: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; eyi-10: umsebenzi
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Phendula uma kuphaphicwano noma kunamahlaya
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Iziphaphicwano namahlaya
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuphendula amahlaya kanye neziphaphicwano - Ngaphambi kwalesi sifundo, thola iziphaphicwano namahlaya - Hlalisa kahle abafundi. - Tshela abafundi ukuthi iziphaphicwano yizimfombe ezisebenzisa amagama – iziphaphicwano zichaza okuthile ngendlela efihlekile noma eyimfombe; kufanele usebenzise ingqondo yakho ngokuhlakanipha ukuze uthole impendulo, uthole ukuthi yini eshiwoyo; zivame ukuba yinkondlo emfushane; amahlaya yizindaba ezimfushane ezihlekisayo. - Xoxela abafundi amahlaya neziphaphicwano ozitholile. - Zama ukuthola ukuthi ungaqagela yini ukuthi isiphaphicwano simayelana nani futhi uma ungakwazi lokho kungenza ihlaya libe lula – bangakutshela yini ukuthi kungani libenza bahleke? Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala isigaba esisodwa (okungenani esinemisho emi-5) ngezehlakalo zempilo yakho noma izigameko njengezindaba zansukuzonke - Sebenzisa kahle osonhlamvukazi nezimpawu zokubhala - Sebenzisa indlela yombhalo: umbhalo wokuqala, umbhalo ophelele, ukubhekisisa ukulungisa ukubhala ngesandla nezimpawu zenkulumo (hlela), ushicilele umbhalo wakho - Qala ukupela amagama ajwayelekile ngokufanele - Yakha inqolobane yamagama ozoyifaka encwadini usebenzisa iziqalo zamagama; usebenzisa futhi ikhono lokwenza isichazamazwi, njengalawa: ugogo, indlu - Fundela omunye lokho okubhalile
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Izincwadi zokubhala - Izincwadi ze-DBE ikhasi 98
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala isigaba, ukusebenzisa izimpawu zokubhala ngokuyikho kanye nokupela amagama ngendlela efanele - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zabo zokubhala nokuqondisisa kanye nepensela emadeskini abo. Batshele ukuba bavule izincwadi zabo ze-DBE ekhasini lama-98. - Tshela abafundi ukuthi bazobhala ngesiphepho. - Cela abafundi aba-4 noma aba-5 ukuba batshele ikhasi ngabahlalabazane nakho ngesiphepho noma lokho abacabanga ukuthi intombazanyana esezithombeni ehlangabezane nakho ngesiphepho. Bhala amagama amqoka ebhodini ukuze abafundi bawasebenzise ezindabeni zabo. - Tshela abafundi ukuba bavale amehlo abo bese becabanga ngabahlalabazane nakho ngesiphepho – yini eyenzeka, bazizwa kanjani. - Ngemva kwemizuzu ecishe ibe mi-2 tshela abafundi ukuthi kufanele babhale isigaba, semisho okungenani emi-5 ngesiphepho. - Khumbuza abafundi ukuthi isigaba yisethi yemisho emayelana nengqikithi. Yonke imisho kufanele ibe nokuxhumana. Kufanele banikeze umbhalo wabo isihloko. Khumbuza abafundi ukuthi basebenzise osonhlamvukazi kanye nongqi. - Abafundi kufanele babhale usuku nesihloko sesigaba sabo. - Tshela abafundi ukuba baqale ukubhala. Bangaletha izichazamazwi zabo kuwe ukuze ubabhalele igama okungenzeka bangakwazi ukulipela. Ngaphambi kokuba balethe kuwe kodwa kufanele bazame ukuliphimisa igama ukuze balipele ngokwabo. - Lapho sebeqedile kufanele bahlele izindaba zabo. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA										
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30										
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo. - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda										
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Isaqathe Esikhulukazi</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika										
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI											
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 2 no-3 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.											
<table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>						Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5						
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho emkhaya noma emphakathini.										

DAY / USUKU 5	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lwemisindo
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT COCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isb. umunwe - Ukwazi ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuhlola ngokungahleliwe amagama afundwayo anomsindo jw kanye no-dw	
- Cela abafundi ukuba: - babhale isihloko esithi "Isivivinyo sesibizelo" nosuku emgqeni owodwa encwadini yabo yemisindo kanye nokubhala ngesandla - bagoqe ikhasi libe uhhafu, bese ubhala izinombolo 1-5 eduze komugqa obomvu, no-6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi. - Biza inombolo u – 1, bese ubiza igama lokuqala lesibizelo. - Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo –1 - Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale umugqa eduze kwenombolo. - Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozinikeza bona amaphuzu ezincwadini zabo. - Bhala igama lokuqala ebhodini. - Tshela abafundi bathikhe igama abalibhale kahle, badwebe umugqa phezu kwalelo abangalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle. - Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama. - Uma abafundi sebeqedile ukuzipha amaphuzu, qoqa izincwadi zabafundi zokubhala, bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubalekelele. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Isibizelo	Usuku
1. umhwebi	6. kuhwalele
2. ihwanqa	7. ukuhwaqabala
3. ukuhweba	8. hwitha
4. hwabheka	9. ukuhwaya
5. hwaphuluza	10. uzosahwa

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo. - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Isaqathe Esikhulukazi</i> amakhasi 5, 6, 7, 8 - Incwadi ye-DBE amakhasi 85, 101

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke baqedela isivivinyo esisezincwadini ze-DBE					
Abafundi bonke Cela abafundi ukuba bavule ikhasi lama-85 ezincwadini ze-DBE futhi baqondanise amagama nesithombe bese behlanganisa amachashaza ukuze baqedele indlovu bese befaka umbala ezithombeni ezisekhasini le-101.					
Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 4 no-5 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala indaba yakho okungenani enesigatshana esisodwa (okungenani esinemisho emihlanu) usebenzisa uhlaka lokubhala - Sebenzisa ngendlela efanele osonhlamvukazi nezimpawu zokubhala - Qala ukupela amagama ajwayelekile kahle - Sebenzisa amathuluzi okubhala ngokufanele
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala isigaba ngohlaka, izimpawu zokubhala nokupela amagama ngendlela efanele kanye nokusebenzisa amathuluzi okubhala ngokufanele Ngaphambi kwalesi sifundo, bhala uhlaka lwezindaba zabafundi olulandelayo ebhodini, oluneziqondiso. - Umngani wami ----- Kufanele ubhale isihloko esichaza umngani wakho. - Igama lomngani wakho u- ----- . Kufanele ubhale okungenani imisho emi-2 yesethulo sendaba yakho. - Ungumngani olungile ngoba ----- . Kufanele ubhale imisho emi-2 yomzimba wendaba yakho. - Ngethemba ukuthi ----- . Kufanele ubhale imisho emi-2 yesiphetho sendaba yakho. - Ukuhlela indaba. 2 amamaki - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zabo zokubhala kanye namapensela emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi namuhla bazobhala indaba emayelana nomunye wabangani babo. - Yisho lokhu: Kunemisho ebhodini ezonisiza ukuba nibhale kahle izindaba zenu. Kufanele nisebenzise le misho. - Yisho lokhu: Isihloko sale ndaba sithi: Umngani wami ----- Kufanele nibhale isihloko futhi nicabange ngegama lokuchaza umngani wakho. - Yisho lokhu: Igama lomngani wami u- ----- . Kufanele ubhale okungenani imisho emi-2 yesethulo sendaba yakho. - Yisho lokhu: Ungumngani olungile ngoba ----- . Kufanele ubhale imisho emi-2 yomzimba wendaba yakho. - Yisho lokhu: Ngethemba ----- . Kufanele ubhale imisho emi-2 yesiphetho sendaba yakho. - Yisho lokhu: Khumbula ukuhlela indaba yakho. - Hamba uzungeza phakathi kwabo ngesikhathi abafundi bematasa. - Thatha izincwadi bese umaka izindaba. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 9

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / Amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	Nginamandla; enginamandla; unamandla; ngamandla
BOOK / INCWADI	<i>Umoya Nelanga</i> amakhasi 2, 3, 4, 5

GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO KWESONTO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHEMULWA NGOMLOMO

- Yini engenziwa umoya? (ungaphephula izihlahla)
- Lingenzani ilanga? (likhanya kakhulu kabi kangangoba izihlahla zingasha)
- Ilanga nomoya kwadingeka ukuba benzeni ukukhombisa ukuthi ubani owayenamandla kakhulu? (ukususa ibhantshi lendoda)
- Yenzani indoda lapho umoya uyiphephetha? (yabamba ibhantshi layo yalisondeza kuyo)
- Yakwenzelani lokhu indoda?

DAY / USUKU 1



ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu engama-30: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; engama-25: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, babonise futhi baxoxe, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazoxoxela ikhaya ngayo.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Zimbandakanye ezingxoxweni, ubuze uphinde uphendule nemibuzo, wenze neziphakamiso
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Iphosta: <i>Uhambo Ngebhasi</i>

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukuzimbandakanya ezingxoxweni futhi ubuze imibuzo

- Hlalisa kahle abafundi. Amadeski abo kufanele angabi nalutho. Kufanele bonke bakwazi ukubona iphosta.
- Tshela abafundi ukuthi bazokhuluma ngephosta ethi *Uhambo Ngebhasi*.
- Tshela abafundi ukuthi iphosta ibonisa izindawo abantu abehlukene abaya kuzo ngebhasi.
- Xoxela ikhaya indaba emayelana nenye yezindawo umuntu noma abantu abaya kuyo, isib. umfana owayobona impophoma. Ungathi umfana wayetshelwe umngane wakhe ngale mpophoma enhle, ngakho wanquma ukuya eyoyibona. Wabuzwa umngani wakhe indlela yokuya khona. Wagibela ibhasi eyamehlisa eduze kakhulu nempophoma. Kwadingeka ahambe 500m ukuya empophomeni uma esuka esiteshini sebhasi kodwa wayizwa ngakho kwaba lula ukuthi ayofika kuyo. Lapho esondela kuyo wamangala ukubona ukuthi inkulu kangaka. Amanzi ayephonseka phansi ngejubane elikhulu nangamandla.
- Cela abafundi ukuba babuze imibuzo embalwa mayelana nendaba: bangabuza: yini umfana ayenza ngokulandelayo? Ingabe wayehamba yedwa? Waphindela kanjani ekhaya?
- Yibe usubeka abafundi ngamaqembu amathathu futhi ubatshela ukuthi baxoxele omunye umfundi indaba emayelana nempophoma.
- Chazela abafundi ukuthi umuntu ngamunye eqenjini kufanele athole ithuba lokukhuluma.
- Batshela ukuthi ngesikhathi omunye umfundi ekhuluma kufanele balalelise ngenxa yokuthi kuzodingeka babuze imibuzo emayelana nendaba. Bangabuza ngezinto abangazange baziqonde; futhi bangabuza imibuzo ukuze bathole ukwaziswa okwengeziwe njengokuthi: 'khona-ke kwase kwenzekani?', yini eyenzeka ngokulandelayo?; 'kungani wenza lokho?' 'wazizwa kanjani ngesikhathi kwenzeka lokho?'
- Bhala le mibuzo ebhodini ukuze abafundi babhekise kuyo.
- Hamba phakathi kwabo futhi usize lapho kunesidingo.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: ASSESSMENT FEEDBACK AND SUPPORT IMISINDO: UKUHLOLA UKULUNGISA AMAPHUTHA NOKULEKELELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwakha amagama ngokusebenzisa imisindo efundiwe • Ukusebenzisa amagama emisindo efundiwe ukuze ubhale imisho • Ukusebenzisa ngendlela efanele/ngokuyikho imisindo ukuze wakhe igama
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Izincwadi zokuhlolwa
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda ngamaphutha enziwe ekuhloleni imisindo • Nikeza abafundi izincwadi zokuhlolwa ezimakiwe. • Bhala izinombolo 1–10 ebhodini, inombolo ngayinye ibe ngaphansi kwenye. • Tshela abafundi ukuthi uzobuyekeza igama ngalinye. Uma umfundi elibhale kabi igama kufanele alibhale kahle eceleni kwegama elibhalwe kabi. • Yisho igama lokuqala futhi ubize umsindo walo, bese ulibhala ebhodini eceleni kwenombolo 1. Landela inqubo efanayo ngawo onke amagama. • Cela abafundi abambalwa ababhale kahle imisho yamagama amabili ukuba bafundele ikhosi imisho yabo. Yibhale ebhodini. • Abafundi abafunde imisho. • Abafundi ababheke imisho yabo ukuze babone lapho benze khona amaphutha. • Kufanele babhale noma yiliphi igama abalipele kabi eceleni noma ngaphansi kwemisho. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Dweba amaphethini ukulungiselela ukubhala ngokuhlanganisa
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo kanye nokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukudweba amaphethini ngokubhala ngokuhlanganisa noma ngokuxhumana • Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. • Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. • Tshela abafundi baqaphele lapho ubhala amaphethini ebhodini. Bakhombise ukuthi ulidweba kanjani iphethini ngaphandle kokuma endleleni, awuwuphakamisi ushoki. • Khumbuza abafundi ukuthi bangaliphakamisi ipensela lapho bedweba iphethini. Kufanele kufanele baqhubeka badwebe, bangami ndawo. • Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Iphethini	
Iphethini	

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Umoya Nelanga</i> amakhasi 2, 3, 4, 5 - Amafleshi-khadi amagama afundwa ngokuwabuka bese uwasho – Nginamandla; enginamandla; unamandla; ngamandla; - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Ukulalela indaba, ukufunda amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ; Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukuzilungiselela ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: abafundi bonke - Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Fundela abafundi indaba yonke. - Phakamisa ifleshi-khadi ngalinye ngesikhathi, bese usho igama kabili ngokucacile, ngesikhathi abafundi bekubhekile belalele. - Uma kunesidingo, chazela abafundi ukuthi igama lisho ukuthini ngokwenza umnyakazo, nokubakhombisa leyo nto noma isithombe saleyo nto. - Cela abafundi bonke bafunde igama, bese ucela iqembu ngalinye kanye nomfundi ngamunye. - Yethula igama elilandelayo ngendlela efanayo. - Vezela abafundi la magama amabili ngokuwashintshanisa, ubacele ukuba bawafunde. - Qhubeka ngale ndlela uze uwethule wonke amagama akulesi sifundo. - Tshela abafundi ukuba bakhuphe amaphepha okufunda noma bavule ezincwadini zomsebenzi wasekhaya ephepheni lokufunda. - Abafundi mabasebenzise umbala owodwa ukuhlilikhla amagama abawafundile. - Umsebenzi wasekhaya: Abafundi mabazilolonge ngokufundela abanye ngokuphimisela la magama ekhaya noma emphakathini. Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Hlela abafundi ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela: - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: iqembu 1 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Umoya Nelanga</i> amakhasi 2, 3, 4, 5 - Incwadi ye-DBE amakhasi 122, 123				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda indaba bese bebhala izimpendulo zemibuzo esencwadini ye-DBE Abafundi bonke - Cela abafundi bavule ekhasini le-122, 123 encwadini ye-DBE, bese befunda amakhasi 122, 123 baphendule imibuzo esekhasini le-123. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 2 no-3 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Funda amaculo, inkondlo, nemilolozelo ngokugcwele (uxoxe futhi nothisha ngezakhiwo ezahluahlukene, nangezilimi)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Inkondlo
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda inkondlo bese uxoxa ngesakhiwo senkondlo - Ngaphambi kwalesi sifundo, khetha inkondlo ozoyifundela abafundi. Yibhale ebhodini. - Fundela abafundi inkondlo. - Yisho lokhu: Izinkondlo zisebenzisa amagama akusiza ukuba ubone ngamehlo engqondo ukuthi indawo noma okwenzakele kunjani. - Nikeza abafundi isibonelo enkondlweni oyifundile. - Yisho lokhu: Ngokuvamile imisho esenkondlweni iba nesigqi. Isigqi siwukuphindaphindwa kwamazwi. Isigqi siyaphindaphinda ezinkondlweni. - Nikeza abafundi isibonelo enkondlweni oyifundile. - Yisho lokhu: Ngokuvamile izinkondlo zichaza izinto ezenza sibe nemizwa eyahlukahlukeni. - Nikeza abafundi isibonelo enkondlweni oyifundile. - Funda inkondlo kanye nabafundi bese ubuza abafundi abehlukene imibuzo elandelayo: - Iyiphi indawo noma into ocabanga ngayo kule nkondlo? Yichaze. - Nika isibonelo zanoma yisiphi isigqi esisenkondleni. - Uzizwa kanjani lapho ufunda le nkondlo? - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Abafundi bazofunda amagama anomsindo ofundiwe emagameni afundwayo. - Abafundi bazofundela abanye amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Introducing the sound: kw IMIDLALO: Ukwethula umsindo: kw
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Ukwazi ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Ukwazi ukwakha amagama ngemisindo efundiwe • Ubona imisindo enhlamvumbili ekugcineni kwegama, isib. umunwe • Ukwazi ukupela amagama ayishumi ngesonto afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo nemisho kanye neminye imibhalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi: kw • Amagama afundwayo – kwapuna; ukwatapheya; isikwele; kwesokunxele; ukwanga; isikweletu; ikwaya; kwitiza; izikwibisi; ikwata • Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla • Izincwadi zomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo kw, ukubhala amagama nemisho enomsindo kw



- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi, ukopishe uhlu lwamagama afundwayo uzowanika umfundi ngamunye, bese ubhala amagama afundwayo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama afundwayo anomsindo: kw.**
- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi abasho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi, uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo, bese ubacela basho igama laleyo nto.
- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni afundwayo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye. Yenza lokhu ngokukhuluma.
- Cela abafundi abambalwa bakhethe igama elilodwa futhi batshale ikhosi umusho onaleli gama.
- Bhala le misho ebhodini. Cima imisho ngaphambi kokuba abafundi baqale ukubhala imisho yabo.
- Cela abafundi bakhethe amagama amane bese bebhala umusho ngegama ngalinye, okuwukuthi imisho emi-4 isiyonke.
- Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya, bese bekopisha amagama afundwayo asebhodini, noma banamathisele amaphepha anala magama.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Dweba amaphethini ukulungiselela ukubhala ngokuhlanganisa
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukudweba amaphethini ngokuhlanganisa noma ngokuxhumana

- Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini.
- Hlalisa abafundi kahle uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Tshela abafundi baqaphele lapho ubhala amaphethini ebhodini. Bakhombise ukuthi ulidweba kanjani iphethini ngaphandle kokuma endleleni, awuwuphakamisi ushoki.
- Khumbuza abafundi ukuthi bangaliphakamisi ipensela lapho bedweba iphethini. Kufanele kufanele baqhubeka badwebe, bangami ndawo.
- Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Iphethini	
Iphethini	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED / INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI / NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini elilawulwa uthisha. Iqembu lonke lifunda indaba efanayo - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Qala ubheke amagama, uwafunde uwaqonde - Funda ngokugeleza nangokusho okuthe thuthu - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo kanye nalokho okufunda kungahlosiwe uma ufunda ngesikhathi sokufunda uhla lwamagama asebenza njalo - Funda ngokuzimela, isib. Incwadi enezithombe, nezincwadi zezindaba ezisuselwe ekhanda				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo: <i>Umoya Nelanga</i> amakhasi 2, 3, 4, 5 - Ukufunda ngababili/ngokuzimela: incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi yokufunda ngamaqembu okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda ngababili/ngokuzimela: abafundi bonke Yenza isinqumo sokuthi abafundi bazofunda ngamunye noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili ubahlelele ukufunda ngababili/ngokuzimela. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela nangokuxoxisana ngesithombe kanye nendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo: sebenza neqembu 4 no-5 - Lalela umfundi ngamunye efunda imisho emibili encwadini yokufunda ngamaqembu okulawulwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo, etholakala ekuqaleni kwesonto. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi uqiniseke ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi ngokungahleliwe bese wenza amanothi. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Funda kahle amaculo, inkondlo, nemilolozelo ngokugcwele (uxoxe nothisha futhi nothisha kuxoxwe ngezakhiwo ezahlukahlukene, nangezilimi)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Inkondlo
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukufunda inkondlo nokuxoxa ngesakhiwo senkondlo - Ngaphambi kwalesi sifundo, khetha enye inkondlo ozoyifundela abafundi. Yibhale ebhodini. - Fundela abafundi inkondlo. - Buza umfundi: Iyiphi indawo noma into ekule nkondlo ekwenza ucabange ngayo? Uma kunokwenzeka yichaze. - Buza umfundi ukuthi sikhona yini isigqi kule nkondlo. Uma sikhona, tshela ikhosi umusho onesigqi. - Cela abafundi abehlukene ukuba batshale ikhosi ukuthi bazizwa kanjani lapho befunda inkondlo kanye nokuthi kungani bezizwa kanjalo. - Cabanga futhi ubhale usho ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Abafundi bazofunda amagama anomsindo ofundiwe emagameni afundwayo. - Abafundi bazofundela abanye amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhaya noma emphakathini.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	Imizuzu eyi-15: emi-5 yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; eyi-10: umsebenzi
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Sebenzisa ulimi usho okusuka emicabangweni yakho uzakhele imilolozelo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Umlolozelo

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukuzenzela umlolozele

Ngaphambi kwalesi sifundo thola umlolozele ozowufundela abafundi.

- Hlalisa kahle abafundi.

Tshela abafundi umlolozele. Umlolozele yinkondlo enomsindo ofanayo ekuqaleni futhi/noma ekugcineni kwemisho; ukuvungazela okuthile okufanayo kodwa okusho izinto ezahlukeni esethulweni, emzimbeni kanye nasesiphethweni semisho. Nikeza abafundi izibonelo zalokhu enkondlweni esebhodini.

Isibonelo:

Izinyoni ezinhlanu zazihlez'emthini

Yathi lena ngibonani ngamehlo

Yathi enye, indod' enesibhamu

Yathi enye asibalekeni

Yathi enye asicasheni

